# *ISIVUMELWANO SIKA-ABRAHAMA SIQINISEKISIWE*

Ngiyabonga, Mfowethu Sullivan. Ningahlala phansi.

2 Kuhle ukuba phandle endlini yeNkosi futhi, kulobubusuku, lendawo efeza leyonhloso. Futhi ngibonga kakhulu ngalelithuba ukuba ngikhonzise futhi, kulobubusuku.

3 Izolo ebusuku sibe nesihlulele, isikhathi esikhulu esichichimayo, ngikwenzile noma kanjani. INkosi ithululele izibusiso zaYo phezu kwami, ngaze nga—angikwazanga ukulala ingxenye yobusuku. Kwase kuthi-ke Yona, bengifunda indatshana encane, omunye wangibhalela incwadi, wayesethumela isiqephu esincane ephepheni, neNkosi yanginika u—umcabango ogqamile ngakho. Uma Yona ithanda, kusasa ntambama ngifuna ukukuzwakalisa, khona lapha e... ngishumayele ngakho kusasa ntambama, emhlanganweni wami wantambama.

4 Manje, sine, isizathu sikwenza, sinomhlangano *wantambama*...Manje, uMfowethu Sullivan ungimemile enhla ukuba ngihlanganyele nabantu bakhe, nani bantu lapha, futhi uyivulile endaweni yokugcina izikhali, ukuze ingabi sebandleni lakhe ngokuphelele; Ngicabanga ukuthi lokho kufana nobunumzane obuhloniphekile ngempela. Anicabangi kanjalo na? Ubuzalwane bangempela.

5 Enye into esiyinqumile, ukuthi sicabange ukuthi bekungaba kuhle ukuba besingenayo inkonzo yangeSonto ebusuku, ukuze nina bantu ningaphuthelwa yinoma yiziphi zezinkonzo zenu ezijwayelekile. Ubungaba noSonto sikole, bese-ke futhi ube nenkonzo yangeSonto ebusuku. Futhi abanye benu malungu amabandla, ngi—ngifisa sengathi beningakuzwakalisa lokho kumelusi wenu, uma engekho emhlanganweni, ukuthi yingalesosizathu senza lokho. Asikho lapha ukuzama uku—ukuvimbela i—imbangela kaKristu, silapha ukuzama ukusiza imbangela kaKristu, sizama ukwenza konke esingakwenza ukubambisana ndawonye ngazo zonke izilinganiso esingazenza ukusiza abantu.

6 Futhi esikhundleni sokuba uMfowethu Sullivan athi nje, "Awu manje, sizoba nakho nje ebandleni lami," ngani, uyifaka ehholo elikhulu, futhi ukuze wonke umuntu abone ukuthi bekungesiyo injongo yobugovu.

7 Bese kuthi-ke, esikhundleni sokuba nayo ngeSonto ebusuku, siyenza ngeSonto ntambama, okuhlala njalo kuyizixuku ezincane ngeSonto ntambama, kunangeSonto ebusuku. Kodwa a—asikho lapha ngenxa yemali, asikho lapha ukubona ukuthi bangaki abantu esingabaheha, silapha kuphela ukuzama ukubeka ingxenye yethu ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, ukusiza wonke umuntu, yilokho esikukhonela lapha.

8 Manje, lokhu akukho erekhodini, noMfowethu Sullivan akazi ukuthi ngiyakwazi lokhu, kodwa ngiyazi, kuze kube yilesisikhathi, uyashoda kwezezimali zomhlangano. Manje, kusasa ntambama ngeke kube ngumnikelo wothando, kuzoba umnikelo wezindleko. Futhi uma izindleko zingenziwa kusasa ntambama, ngizoshayela ekhaya, ngokushesha, ebandleni, futhi sizokhokha wonke upeni wakho ngaphambi kokuba sisuke kulelidolobha. Akuyikubakho lutho olusele, akukho zikweletu esizishiya ngemuva. Asenzi, asizitholi izindleko kusasa ntambama emnikelweni wothando . . . Yenzani umnikelo wothando eNkosini uJesu esikhundleni sami, ukuze kuzohamba kuyokhokha izikweletu.

9 Manje, uMfowethu Sullivan ubezozikhokhela yena lokho, kodwa akazukukwenza lokho. Qhabo, angizukumvumela enze lokho. Qhabo, si—sizozenzela thina. Bese kuthi-ke uma kungekho okwenele ukuqeda u—umhlangano, khona-ke ngizothola, futhi sizothumela ngowaya imali lapha ebandleni lethu uqobo eJeffersonville ukuqedela isikweletu, ukuqeda i . . . ukuze yonke into ikhokhelwe, izihlalo, ihholo elikhulu, nesikhangiso, noma ngabe yini ebikukho, sizoyikhokha yonke, ukubona ukuthi sekukhokhelwe nya. Ngeke kube nga—nga—ngaphezu ngqo ku, kuMfowethu Sullivan, nabantu.

10 Manje, uma ubungakwenza, ngifisa sengathi ubungakwenza, uma umelusi wakho engekho lapha, uma ubungamema ibandla ukuba liphume kusasa ntambama, kuzoba ngumlayezo wesiprofetho engicabanga ukuthi, kimi kubonakala sengathi uMoya oNgcwele ubeke phezu kwenhliziyo yami, emva kokufunda udatshana namhlanje, ukuthi ngifanele ngilethe lowomlayezo, kusasa.

11 Futhi manje, khona-ke izinkonzo ezilandelayo enginazo, ngokwazi kwami, yiSonto lePhasika etabernakele, lapho okuyoba khona izinkonzo zombhaphathizo, kanjalonjalo. Bese-ke siya eBloomington, e-Illinois. UMfowethu Sullivan ungimemile ukuba ngihlale izinsuku ezithi azibe mbili ngeviki elizayo, uma ngingahle ngikwazi, ngikhathele kakhulu nje ukuba ngikwenze bangane. Umphimbo wami uhambile, ngi—ngi nje, kade ngisezinkonzweni kusukela ngoKhisimusi, niyabo, futhi ngikhathele ngempela, ngempela, futhi ngibheke ngabomvu kulezizinsuku ezintathu, noma ezine, noma ezinhlanu, noma ngabe kuyini lapho, uku—ukuphumula.

12 Futhi angikwazi ukuhlala ekhaya ukuba ngenze lokho, ngizodingeka nje ngiphume ngiye ndawondawo futhi ngiphumule, ngoba ngineSonto kuze kube yiSonto; bese-ke ngiyahamba ukusuka lapho ngiye eChicago, ngeSonto kuze kube yiSonto; bese kuthi-ke ukusuka lapho ngiye e—eGrande Prairie, eBritish Colo-. . ., noma, e-Alberta; futhi ukusuka lapho kuya e—kuye eDawson Creek, eBritish Columbia; futhi mhlawumbe, iFort St. John, kuqhubeke kuqhubeke; nasezansi eMiami, eFlorida; futhi mhlawumbe ngapha eWashington, DC, kulelihlobo ethendeni elikhulu, iNkosi ithanda.

13 IBusinessmen lapho yathumela izwi ezansi, ngobunye ubusuku, elithandeka kakhulu, ngenkathi siseRichmond iBusinessmen yaseWashington, DC bangithumelele incwadi ekhethekile ukuthi umhlangano esasinawo lapho ngalobobusuku, ngobunye ubusuku, ngikholwa ukuthi kwakuseCongress Hall, noma—noma ihholo elithile lapho eWashington, bafuna, babuye futhi bagxumeke ithende elikhulukazi, futhi bathi uma singazenzanga izindleko ezansi eRichmond, ngani, bebengeke nje basho lutho ngakho, bebeyozenzela bona, iChristian Businessmen.

14 Manje, lowo omi ngakuwe ngempela, kodwa iNkosi iyangena, futhi senze izindleko, yonke into, konke kwahamba kahle eRichmond, ngakho ngingahle ngenyukele lapho, uma kungesiwo umhlangano, okwenhlanganyelo nje yalabo bafowethu abayigugu, enimi ngakubo e—ezikhathini ezinjalo.

15 Manje, kodwa qiniseka ukukhumbula kusasa ntambama, uma. . .lokho kuzoqala, ngiqagele uMfowethu Sullivan usevele uyasho, elesibili nqo. Futhi sithi, empeleni, uma si—uma singa. . .Ngikholwa ukuthi bakhipha amakhadi athize izolo ebusuku, ngikholwa ukuthi uBilly ungitshele ukuthi bakhipha amakhadi izolo ebusuku, o-A, futhi ngibe leyithi kakhulu ukuba ngibabize—ngibabize enhla lapha ukuba ngibakhulekele, ngizozama ukubathola kulobubusuku, uma ngingakwazi, uma ngingakwazi, impela ngizobathola kusasa.

16 Futhi ngizomenza ehle kusasa, nantambama, singalokhu sigijima futhi, futhi, futhi, kamuvanyana uma sizodingeka. Ake sithi sizongena ngelesine nqo, awu, singagijima siye ngale kwelesihlanu, futhi singathola wonke umuntu akhulekelwe. Bese kuthi-ke uma bezo. . .Uma unanoma yibaphi abantu abagulayo manje, ofuna ngibakhulekele, nginomuzwa oxakile kakhulu ngezinye izinto, ngakho kungcono nibe nabo lapha kusasa. Niyabo? Futhi ngakho kungahle kube emva kwesikhashana, ukuthi anisayikungizwa, ngakho uma nifuna ngikhulekele abathandekayo benu, khona-ke ba—bangeniseni kusasa ntambama, niyabo. Futhi—futhi sizobe-ke sesibanika ikhadi lomkhuleko.

17 Uma beqala ngelesibili kungcono ube lapha ngekwata

emva kwelokuqala, noma kungamanxe olokuqala, okungenani, niyabo. Futhi ngizoba noMfowethu Leo, uGene, noBilly, nabo ukuba behle futhi banikeze abantu amakhadi abo omkhuleko, noma ngabe yini . . . noma ubani ofuna ikhadi lomkhuleko. Futhi niyayazi inqubo, indlela esiwenza ngayo, thina, kusasa, mhlawumbe sivele siwakhiphe, ngoba nje sizozama ukubona ukuthi bangaki abantu ogulayo ofuna ukukhulekelwa.

18 Manje, ngaphambi kokuba siqhubekele phambili, asikhulume kweyethu enkulu, iNkosi yasebukhosini, iNkosi uJesu, kuYe sinethemba lethu elingenasiphelo kuYe nomusa waKhe omangalisayo. Bangaki abangathanda ukukhunjulwa emkhulekweni na? Makwazeke nje ngesandla esiphakanyisiwe. INkosi inibusise, bantu bami, sisakhothamisa amakhanda ethu.

19 Nkulunkulu wethu oNgcwele kakhulu noLungileyo noBaba, siza eBukhoneni baKho, kulobubusuku, ngezinhliziyo ezithobekile ne—nemimoya elungele futhi evuma ukwemukela uMlayezo waKho. SizoKucela ukuba usigcobe, Nkosi, ukuba siqedele lesisahluko ngo-Abrahama, nabantwana bakhe emva kwakhe. Ngikhulekela ukuthi Uzobusisa umlayezo kulobubusuku, nesithunywa, nalabo abawemukelayo. Zitholele udumo kuWe uqobo, futhi uma kuyintando yaKho ukuthi sikhulekele abagulayo, kwangathi kungabakhona okwedlulele, ukuchichima kwenjabulo namandla phakathi kwethu, kulobubusuku. Sindisa labo abangasindisiwe, phulukisa labo abangaphulukisiwe, gcwalisa ngoMoya oNgcwele labo abafuna amandla aKho nezibusiso, siphe umusa sonke. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

20 Ngikholwa ukuthi abafana kade benikeza incwadi encane lapha, ngicabanga ukuthi ibizwa ngokuthi, o, yebo, i*Voice* yeChristian Businessmen. Bangaki onayo na? Lokho kuhle. Uma ungenayo, ithole kulobubusuku lapho uphuma.

21 Gene, angazi noma bengingakucela yini, noma omunye umuntu, athole abafana eminyango, noma ngabe baphumelaphi, noma omunye umuntu. Bazithengisa ngamalini na? Zingamasenti ayishumi na?

22 Uma ungenawo utheni-sente, ithathe noma kanjani, ngizoyikhokhela, niyabo. Ngifuna nifunde lobubufakazi lapha, bombono. Nje, ngifuna wonke umuntu ophakathi lapha abe neyodwa. Uma u—uma ungakwazi, ngani ngikhokhiseni ngazo. Futhi wonke umuntu aqiniseke ukuthola eyodwa, kulobubusuku. Ziyi—ziyi*Voice* yeChristian Businessmen.

23 Futhi babhala umbono phakathi lapho iNkosi enginike wona maduze nje, futhi nje wokhela inhliziyo yami. Ngi . . . Abanakho konke phakathi lapha. UMfowethu Tommy Hicks, noma, uTommy, angisalikhumbuli igama lakhe, umhleli, njengamanje, uNickel (Ngiyabonga, Mfowethu Gene.), UMfowethu Tommy Nickel wawubhala, kodwa aka—akakufakanga konke lapho,

kodwa kwaku...Akazange afake lapho cishe ngenkathi ngibone owami, angicabangi ukuthi ngikufakile lapho, empeleni, ngokubona inja yami, nehhashi lami liza kimi, niyabo. Ngiyacabanga, mhlawumbe lokho kuyabuzwa phakathi kwabantu lapho becabanga ngezilwane ziseMbusweni, kodwa zikhona.

24 Aphi lawomahhashi afikayo, athola u-Eliya na? Uphi lowoJesu oyedwa ozayo, egibele, izimpi zaseZulwini na? Niyabo? Iyodla nini ndawonye impisi newundlu na? Niyabo? Impela. Bacabanga nje...Sithola nje imibono yethu esikiwe, futhi—futhi uma into ethize ingahambisani nalokho, awu khona-ke, asifuni nje ukuzihlanganisa ngalutho nakho; yileyo inkathazo. Kodwa, nokho, lokho kulungile. Futhi kunokwanele lapho...Futhi khona-ke niyaqaphela phansi ekugcineni, kwakune...Nikufundile okuncane, okuncane okubekwa phakathi ekugcineni, mayelana nokuvusa abafileyo na?

25 Manje khumbulani, ngaphambi kokuba nishicilele noma yini, nifanele nikwazi ukufakazisa lokho. Ngakho sinezitatimende ezibhalwe phansi ezivela kodokotela, izimeya zedolobha, kanjalonjalo kanjalo, ukuthi odokotela babamemezele ukuthi bafile, futhi sebehambile cishe amahora ayisishiyagalombili nayishumi, nokubuyela ekuphileni futhi, ngomkhuleko; ngakho yisitatimende esibhalwe phansi. Lencwadi iya emhlabeni wonke jikelele, futhi ihunyushwe ngezilwimi ezehlukene, nakho konke, njenge*Reader's Digest* nje, phakathi kwabantu abangamaKristu, futhi kufanele kube yiqiniso, futhi ufanele uzifakazise lezozinto lapho uzisho. Ufanele ube...

26 Ngakho lowo ababefanele bamfakazise wawungukuthi, ngaphambi kokuba abhale lokho, wayesezansi lapho eMexico, cishe eminyakeni emithathu edlule ngenkathi ngisezansi lapho, nalowo wesifazane omncane waseSpain, ebambe leyongane eyayife ngalokhokusa ngelesishiyagalolunye nqo, neNkosi yabuye yayivusa ngeleshumi nqo ngalobobusuku emhlanganweni, futhi yayikhahlela ngaphansi kwaleyongubo yokulala. Bemi lapho, abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, cishe, bemile nje, bencike komunye nomunye kusukela kusesekuseni ngalokho kusa, usuku lonke emvuleni, nakho konke, ukuzwa iVangeli nje. Ngakho, abantu abanjalo yi...UNkulunkulu uyokwenzela abantu ngokuchichima ngokwedlulele lapho behlangana kanjalo, futhi bazokholwa, futhi bathobe izinhliziyo zabo phansi phambi kukaNkulunkulu.

27 Manje ngifuna ukufunda lowomBhalo phezu kwalokho engiwufundile izolo ebusuku, ngoba ngifuna ukuqeda ngaleyondaba efanayo; futhi ngeke sihlale isikhathi eside kulobubusuku.

28 Manje, nina zivakashi, lapha, niyazi ukuthi iFull Gospel Tabernacle ikuphi, lapho uMfowethu Sullivan engumelusi khona na? Kulungile. Leyo yindawo enhle ukuya kuyo ekuseni. Nihlala eduze kwanoma yiliphi lamanye amabandla eFull Gospel ngalapha, leyo yindawo enhle ukuya kuyo ukuzwa iZwi leNkosi. Ngakho manje, hambelani uSonto sikole ndawondawo, kusasa. Bamba imibala yakho nje, futhi uhlale endaweni yokugada.

29 Manje ngikholwa ukuthi ngifunda kuGenesisi, isahluko 22, nevesi 14:

> *Futhi u-Abrahama waqamba igama* le*ndawo ngokuthi uJehova-jire: njengalokhu kuthiwa nanamuhla, Entabeni yeNkosi kuyakubonelelwa.*

30 Isizathu sokuba ngifunde umBhalo yingoba, uma engikushoyo kungasebenzi, impela Akusho, kuyosebenza. Izwi lami liyizwi lomuntu, liyohluleka; iZwi likaNkulunkulu liyiZwi laKhe uQobo, futhi Lingehluleke.

31 Futhi igama elithi *Jehova-jire* lisho ukuthi, "iNkosi izihlinzekele Yona umhlatshelo."

32 Manje, izolo ebusuku, nisijabulele lesosifundo ngakho izolo ebusuku na? Indodana yami, uBilly, osemuva esakhiweni manje, ubuyela lapho ukuyolalela ukubona ukuthi uyezwa yini, wathi kuyahhumuzela kakhulu, kakhulu impela, niyazi, a—awukwazi ukuzwa kahle. Ngakho yingalesosizathu, esikhundleni sokushumayela, ngicabange nje ukuthi ngizothi nje ukukhuluma ngeZwi isikhashana, futhi mhlawumbe beningezwa kangconywana.

33 Niyabo, lezizindawo zokubeka izikhali njengalena, izakhiwo eziyisicaba, azenzelwanga imihlangano enjengalona, ngezebhasketbholi, nokuqeqeshwa, usilingi awenziwanga kahle, imisindo iphansi kakhulu, kabi kakhulu. Kodwa siyabonga eMbuthweni wase-United States ngenhlanhla yokuba nompheme phezu kwethu kulobubusuku, nokuza kulendawo, futhi siyababonga ngomusa omkhulu, iNkosi ibabusise njalonjalo.

34 Manje, sithathe u-Abrahama izolo ebusuku, neNzalo ka-Abrahama emva kwakhe. Futhi, o, isibusiso esinje pho esinaso ukusikhombisa! Futhi, kimi, umuntu angaba kanjani nekamelo elilodwa lokungabaza noma ngayiphi indlela, lapho ubona ukuthi uNkulunkulu wethembisani, bese kuthi-ke uNkulunkulu wenzani na? Kufana nje nokufunda iBhayibheli, lapho Libikezela ukuthi into ethize izokwenzeka, khona-ke thatha umlando futhi ubone ukuthi kwenzeka kuphi.

35 Manje, uNkulunkulu washo ukuthi Uyobusisa lesisibusiso nesithembiso phezu kuka-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe. Futhi siyathola, impela nje, isigaba ngasinye uNkulunkulu avakashela u-Abrahama ngaso, Wenza into efanayo eNzalweni ka-Abrahama emva kwakhe.

36 Khona-ke sizithole kuphi izolo ebusuku, bazalwane na? Sizithole sisekupheleni impela komgwaqo, ezansi ngqo entweni yokugcina, neBandla lemukela isibonakaliso saLo sokugcina, bese kuthi-ke ukukubusisa konke, Ungene phakathi kwethu, izolo ebusuku, futhi wahamba wadabula izethameli futhi wenze into efanayo Ayenza eSodoma. Kungaba kuphi ukushelela na? Kukuphi lapho ebesingaba nephutha khona na?

37 Kwase kuthi-ke ngobusuku bangaphambi kwalokho, sathatha u-Israyeli ehlane, futhi sakhombisa khona impela nje lokho ibandla, u-Israyeli. . .Manje, siyathola kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 10, Lathi zonke lezozinto zenzeka ku-Israyeli zibe yizibonelo kithi. Manje, sithola ukuthi zaziyizibonelo, zikhombisa lokho uNkulunkulu abenzela khona kuyisithunzi nje se. . .lokho Akwenzayo lapho, lokho Akwenza, okwemvelo, Wenza okomoya.

38 Niyaqaphela eBhayibhelini, isahluko 12, owesifazane esahlukweni 12 seSambulo, nenyanga ngaphansi kwezinyawo zakhe, nelanga ekhanda lakhe, ekhombisa umthetho ufiphala. Lithi nje ilanga lingaphuma, inyanga iyashona; inyanga ingunkosikazi welanga. O, ngi—ngiyaluthanda lolohlobo lokufunda iBhayibheli!

39 Niyabo, ilanga nenyanga kungumfanekiso kaKristu neBandla. Lapho ilanga lishona, lingabonakali, alishonile, liphumile nje ekubonakaleni ezweni, libonisa ukukhanya kwalo emuva enyangeni ukunikeza ukukhanya lapho lingekho. Ngakho yilokho uKristu akwenza ngenkathi Eyongena eNkazimulweni, Ubonakalisa ukuKhanya kwaKhe emuva eBandleni laKhe, ukunikeza ukuKhanya aze Abuye. Kuhle! O, he, ukucabanga ukuthi ilanga, uma ufuna, libonisa ukukhanya kwalo e—enyangeni ukukhombisa ukukhanya! Futhi ukukhanya. . .

40 Futhi, inyanga qobo lwayo iyinja egadayo, uNkulunkulu wabeka imingcele yolwandle, futhi wabeka inyanga ukuba iluqaphe. Futhi ulwandle, luthukuthela kanjani lugxumele osebeni, luyocishe lubhubhise yonke into emhlabeni ngoba lwake lwakwenza ngesinye isikhathi, niyazi.

41 Futhi ukubona isono, sinqwabelana, lokho ngamagagasi, eshaya lawomagagasi amakhulu ngasogwini. Futhi khumbulani, ngezinsuku zokugcina kwabikezelwa amagagasi amakhulu abangwa ukuzamazama kolwandle, ulwandle lubhonga, izinhliziyo zamadoda zehluleka, ukwesaba, ukudideka kwezizwe, usizi; lokho bekungaba yizibonakaliso zesikhathi sokuphela, sedlule kukho konke lokho, ezansi ngomgwaqo. Manje silapha, kuze kuyofika ngqo esibonakalisweni sokugcina kubantwana baka-Abrahama, futhi kwangenisa ngisho emagameni ezithunywa, njengoba kwakunjalo nje ngesikhathi sika-Abrahama, ukukhombisa ukuthi akukho-kushelela ndawo, iBhayibheli, ISHO KANJE INKOSI.

42 Bese kuthi-ke ibandla lihlezi lifile, imidlalo yebhola, okukhangayo kwedolobha, nezinto zezwe ibandla lonke liyengelwe kude. IBhayibheli lathi bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, benesimo sokumesaba uNkulunkulu. Amakamelo amahhotela agcwele izidakwa, awukwazi ngisho nokulala, othisha bakasonto sikole, abantu beya ebandleni, amalunga ebandla, benokuncane "okuhlanzekile, ukuzijabulisa kwaseMelika." Elinesono! O, lelizwe elidala liyadiyazela njengendoda edakiwe ifika ekhaya ekuseni.

43 Kwenzekani na? Ngenkathi zonke lezizono ziqala ukuba kanjalo ngezinsuku zaseSodoma, abesifazane, benqunu ingxenye, begijima bedabula amakamelo amahhotela, nabesilisa, bedakiwe, belandela emva kwabo (Lokho akukho kude kwenye indawo, lokho kulapha.), bese-ke kwenzekani na? UNkulunkulu wathi, "Ngehlile ukuthola ukuthi ngabe yonke lemibiko iyiqiniso yini."

44 Abantwana beqiniso bememeza, "Woza, Nkosi Jesu!" Mhlawumbe oyedwa edolobheni. Njengoba sabuza ngobunye ubusuku njengoba uMoya oNgcwele wasitshela eBhayibhelini, "Beka uphawu kuphela labo ababubula bekhala ngesinengiso esenziwa emzini." Babeyobekwa uphawu kuphi na? Kuphi ukubekwa uphawu kwabantu na? Masingakhohliswa, masibe ngabaqinisile.

45 Njengoba omnyama omdala washo, ngesinye isikhathi, "Ngatshela iNkosi ukuthi ngifuna ukukuxoxisana naYo manje, ngoba bengingafuni nkathazo emfuleni." Kunjalo, bangane, angifuni-nkathazo emfuleni. Awazi ukuthi yiliphi ihora owehlela ngalo kulowomfula, ungahle ube lapho kweminye imizuzu eyishumi nanhlanu, ungahle ube lapho ngaphambi kwemini, kodwa yinye into eqinisekile, uza kuyo, ngakho kungcono uqiniseke manje.

46 UNkulunkulu akazenzeli nje lezizinto okomdlalo nje, okwemibukiso yasesiteji, Wenza lokhu ngenxa yenkazimulo yaKhe nodumo lwaKhe, ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Asingakubuki kalula, kodwa ngenhlonipho yokuzithoba, ngokuqapha, nangokuzotha. Woza eMthonjeni ogcwaliswe ngeGazi, elidonswe emithanjeni ka-Emanuweli, vuma izono zakho nokungakholwa kwakho, cela uNkulunkulu ukuba abe nomusa kuwe, njengesoni, futhi akusindise ngenxa kaKristu.

47 Ngezinye izikhathi abantu bangena ebandleni, futhi bathi, "Angidingi ukubuza lokho. Sengivele. . . " O, hlola impilo yakho, mngane, ubone ukuthi ukukholwa kwakho kuqoshwa kanjani neZwi. Khumbulani, labobaFarisi babengacabangi ukuthi badinga ukusindiswa, babengcwele, amadoda ahlukaniselwe, babengabefundisi, oyise babengabefundisi, oyisemkhulu, okhokho babo, okhokho bokhokho babo, bonke

babengabefundisi, baphila impilo enjalo kwaze kwathi uphawu olulodwa olumelene nabo, babengakhandwa ngamatshe ngakho. Uyayazi imiBhalo na? Ngokwazi ngokuphelele, noJesu wathi, "Ningababakayihlo, udeveli."

48 Bhekisisani uNkulunkulu, Wayebakhombisa isibonakaliso sikaMesiya, futhi abasikholwanga, bathi, "UnguBelzabule, umbhuli." Behlakaniphile, futhi befundile, futhi njengezimpilo ezihlukaniselwe ababeziphila, futhi nokho babeyizoni. Ngani na? Abaphinganga, babengabhemi osikilidi, babengadakwa, babengayi emidansweni, babengawadlali amakhadi, kodwa abakholwanga, yingalesosizathu babeyizoni.

49 Yingalesosizathu ngilijikijela ePhentekoste namhlanje. Akunandaba ukuthi usina kangakanani eMoyeni futhi ukhulume ngezilimi, ngiyakholelwa kulokho, kodwa ubungakhuluma ngezilimi njengokuthela uphizi esikhumbeni senkomazi esomile, futhi ube usalokhu ulahlekile. Kunjalo. Awukaze ngisho ube ne... Ngizibonile izinyanga-bathakathi ezikhuluma ngezilimi futhi zisina emoyeni, ziphuza igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi zibize udeveli, zisina emoyeni, futhi zikhuluma ngezilimi, futhi zimemeza kakhulu njengoba zazingamemeza, impela, ngeke wahamba ngalokho.

50 Uma usalokhu ungalikholwa iZwi likaNkulunkulu ngendlela nje eLilotshwe ngayo, ungongakholwayo, isoni. UNkulunkulu uyehla futhi enze iZwi laKhe, futhi aLenze libonakale, futhi aLikhombise uhlamvu ngohlamvu, lapho kungekho-muntu ongasukuma amelane naLo, uNkulunkulu uyaLimela Yena uqobo, khona-ke bayasuka bahambe ngenxa yesivumokholo esithize, akumangalisi silahliwe. Kodwa ungakumisa na? Omunye wathi kimi, ngolunye usuku, "Ungakumisa na?"

Ngathi, "Qhabo, mnumzane."

Wathi, "Awu, wenzani...? Kungani ungathuli unganyakazi na?"

51 Ngathi, "Ngingathula kanjani ngingayakazi na? Ngiza ekwaHlulelweni, iphimbo lami lizoba sekuqoshweni lapho elizohwaya sonke isizukulwane." Angikwazi ukuthula ngingayakazi. Maye kimi uma ngithula ngingayakazi! Ngine...

Ngathi, "Awukholelwa ekoneni, uyakholelwa na?"

Wathi, "Qhabo."

52 Ngathi, "Awu, yini—yini oyishumayelayo emelene nakho na? Kungani u...? Uma—uma wazi ukuthi izwe lizoqhubeka kuleyonxushunxushu, kungani uqhubeka nokushumayela na?" Sifanele sinikeze iphimbo elimelene nakho, kufanele; iqiniso lizofanele laziwe.

53 UNkulunkulu ulungile, Unikeza isexwayiso saKhe. UNowa wamelani emnyango eshumayela lapho Ayazi ukuthi babengangeni na? Walungisa umkhumbi wokusindisa abendlu yakhe, yilokho okwakuyikho, kodwa wayefanele anikeze uMlayezo ngokufanayo nje. UNkulunkulu unobulungiswa, uNkulunkulu wayazi ukuthi babengezi, Wayazi nje impela imiphefumulo eyisishiyagalombili eyayizosindiswa ezinsukwini zikaNowa, njengasekugcineni nje, okufanayo njengoba Azi lesisizukulwane. Uyazi ukuthi ubani ozokwazi nokuthi ubani ongeke, kodwa U—Uyazi ukuthi kwakunguye, yingalesosizathu Athi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Niyabo?

54 Futhi siyazi siphila esikhathini esikhulu kakhulu, kodwa u—ubopheze-. . . Inhliziyo yakho—yakho nje iyakhala, awukwazi ukuthula, ufanele ukusho.

55 Manje, bhekisisani ukuthi Wenzani ku-Abrahama, ekhombisa eNzalweni yakhe, khona-ke uzoba nokuqonda ukuthi lezizinto azifanele ziye ezikhungweni ezinkulu zemizwa. A—abantu lapha . . . Iningi labantu engihlangana nabo, libheke enkulukazi, ebanzi, imvuselelo eshanela umhlaba, leyo seyedlule, sisekupheleni.

56 Babheke izimangaliso ezinkulu nezibonakaliso ngoba nje abalazi iBhayibheli. Lowo ngabaprofethi ababili beZambulo 11, uzomisa ilanga, u-Elisha no, noma, uMose no-Eliya, lokho kusemva kokuba iBandla labeZizwe selihambile. Kunjalo. Niyabo, lokho kungale kwiJuda, ngenkathi uNkulunkulu ephendukela ku-Israyeli futhi. Lonyaka webandla, funda iSambulo 1 kuya kwese 3 futhi khona-ke uzoba nakho, niyabona ukuthi Unikezani onyakeni webandla, ukubizela ngaphandle, isibonakaliso sokugcina kwakungukubonakala kuka-Eliya futhi enkundleni, ekugcineni, isikhathi sokuphela. Futhi si—siya, kwazi lokho, ukuthi yonke into Ayisho iyoba nje ngendlela Ayisho ngayo.

57 Manje, sithola ukuthi lapho Ambiza khona kwese 3 . . . esahlukweni 12 sikaGenesisi, futhi wamlungisisa ngokukholwa, ngoba u-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu. Ngabe kunjalo na?

58 Manje, angikusho lokhu . . . Manje, angifuni nicaphune lokhu emuva phandle phakathi kwabantu bakini, kodwa niyabo, yonke into eBhayibhelini ihamba ngokuthathu, *okuthathu*, kwenza *okukodwa*. Manje, njengase—seBhayibhelini, kulotshiwe phakathi lapha ukuthi . . . Niyazi uNkulunkulu waloba amaBhayibheli amathathu. Niyakukholwa lokho na? Waloba elilodwa ezibhakabhakeni, elilodwa esivivaneni, elinye ephepheni. Manje, siyazi ukuthi benza ibhodi elinezinhlamvu zamagama i-ouija ngesivivane; benza ibhodi elinezinhlamvu zamagama i-ouija ngoMgamu wezulu eliphezulu; benza ibhodi

elinezinhlamvu zamagama i-ouija ngeBhayibheli, kodwa lokho akuwavimbeli amaqiniso aLo, amaqiniso aLo ayafana nje ncamashi.

59 Manje, uma niqaphela eMgamwini wezulu eliphezulu, yimuphi umfanekiso wokuqala eMgamwini wezulu eliphezulu na? Yintombi. Yimuphi umfanekiso wokugcina eMgamwini wezulu eliphezulu na? Yimbube ingonyama. Ukufika kokuqala, nokufika kwesibili kukaKristu, Ufika kuqala ngentombi, ufika okulandelayo iNgonyama yesizwe sakwaJuda, bese-ke izinhlazi eziyisiphambano, unyaka womdlavuza esikuwo manje, ngaphambi nje kokuba lesosikhathi senzeke.

60 Sibheka isivivane, sakhiwa *kanje*. Kodwa niyaqaphela, itshe eliyinhloko alizange libekwe esivivaneni. Senake nacabanga ngalokho na? Unayo imali eyidola ephaketheni lakho na? Bukani ukuthi kuthini, "UPhawu oluKhulu," isivivane, futhi buka ngaphezu kwaso, itshe, itshe eliyinhloko alizange litholakale. Kungani na? Itshe eliyiNhloko lenqatshwa, uKristu.

61 Bukani phansi lapha onyakeni kaLuther, ukulungisiswa, indawo eyinqwaba phakathi lapha. Ukuvuma nje uKristu kwakusho ukuba ikhanda lakho linqunywe. Ngenkathi bephuma ebuhedenini, ukuba ube nekhanda lakho... ubuyobulawa ngabo impela ubufakazi bokuthi ubungumKristu, uLuther. Khona-ke kwenzani na? Kuyanqwabelana manje, engcosaneni ngesibalo, kwehla kusondela. Yini eyalandela na? Ukungcweliswa, khona-ke wawubizwa ngohlanya, umgingqiki ongcwele, noma okuthize, lowo ngunyaka kaWesley. Kwenzekani ngokulandelayo na? Khona-ke kufika iPentecostal, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, i, iBandla lalisalokhu liba lincane ngesibalo. Futhi manje, kuyaqhubeka kuze kuthi lokho kuzofanele kufinyelele endaweni ephelele kangako, kuze kuthi lapho lelotshe eliyiNhloko ekugcineni lifika, Liyokwenela ngokuphelele kakhulu, iBandla lizoba, lizofanele libe sesimweni esi—esinjalo esiphelele, kuze kuthi nxa uKristu efika Ungena kuLo ngqo. Kunjalo.

62 Ngakho niyabo, ukukhuluma ngezilimi nje, nokusina eMoyeni, lokho kusezansi le emgqeni lapha namanje. IBandl-... Futhi khumbulani, uma wake waba lapho, eGibhithe, ekhandeni elikhulu lebhubesi eliqoshwe ngetshe noma isivivane, lawomatshe, ngaleya emoyeni, esinda amakhulu amathani, futhi ehlanganiswe ndawonye ngokuphelele, kuze kuthi insingo ingeke ngisho...elolongeke esimweni esiphelele, kuze kulingane ngokuphelele ngaphandle kukasimende.

63 Yileyondlela iBandla elizofanele libe yiyo, lilolongelwe phansi kakhulu, iZwi lilolonga iBandla, kuze kuthi lapho uKristu efika ukuthatha iBandla, inkonzo, iBandla liyocosha ngqo kukho, futhi liyovusa uLuther, uWesley, iPhentekoste nabo bonke, futhi bakhuphuke naLo, kunjalo, ukukhuphula iBandla.

64 Manje, ngenkathi, sithola ukuthi ekulungisisweni lokho Akwenzile kwakuyikho, eNzalweni, noma, ku-Abrahama, kwaqala ngoLuther, ukungcweliswa, isahluko 15, ngenkathi Eqinisekise isivumelwano ngegazi, isahluko 17 Wanikeza uMoya oNgcwele, unyaka wePentecostal, ngoba, niyabo, yonke leyo eminye imisuka yayiyinto engaphandle kwalokho iBandla elakwemukela kuYe, lokho u-Abrahama akwemukela kuYe. Kodwa ngenkathi Ethi, "Ngingu-El Shaddai," ibele, emema u-Abrahama ukuba eze ancele amandla akhe ebeleni likaNkulunkulu, adonse ukuPhila kukaNkulunkulu kuye, lokho kungenkathi iBandla lithola uMoya oNgcwele, ngenkathi linambithe u—ukuPhila kukaNkulunkulu, ngenkathi Lidonsela kuLo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

65 Khona-ke Wenzani na? NgokomBhalo nje, njengoba sikufakazisile izolo ebusuku, sithatha lokho okufanayo... Kulandele, uNkulunkulu angeyedelele imithetho yaKhe uQobo. Yingalesosizathu Athatha iNdodana yaKhe uQobo, esahlukweni 17 sikaMathewu, futhi waYinyusela eNtabeni yokuGuqulwa isimo, futhi waYibeka ngokwendawo eyiyona yona, njengoba umthetho waKhe wawunjalo; Wakwenza. Kwase kuthi-ke, ngenkathi Enza lokho, khona-ke siyathola, Walandela imithetho yaKhe uQobo, futhi lapha Wathatha u-Abrahama ngendlela efanayo. Futhi wena uthi, "Uqinisekile ngalokho, Mfowethu Branham, ivesi 4 nele 5 na?" Yebo, mnumzane.

66 Niyabo, ngenkathi Enika u-Abrahama ingxenye yeGama laKhe, ngokwendawo eyiyona yona wafaka igama lakhe eshekeni, ngokufanayo njengoba elaKhe lali...elaKhe ngu-*Elohim*, u-*Abrahama*. Niyabo? Wamnika ingxenye yeGama laKhe uQobo. Yisambulo esikhulu lapho, futhi niyaqonda ukuthi bengingagijima ngiqhubeke kunalokho, kodwa iBandla, ngenkathi beLifanele ngabe lithatha inyama eqinile, lisaphuza ubisi. Kunjalo. Ngakho, Wamnika iGama laKhe uQobo, u-*Abrahama*, kwase kuthi-ke ngenkathi Enza lokho, into elandelayo Ayenza emva kokuba Emnike lelogama, wabeka lokho egameni lakhe, khona-ke Wenzani na? Wamnika isibonakaliso ukuthi Wayeselungele ukubhubhisa ngokoqobo sonke isono esasimzungezile, futhi ngokwendawo eyiyona yona wabeka umzimba wakhe esimweni sokwemukela iNdodana ethenjisiwe ayeyilindile, khona impela Akwenzile eBandleni.

67 Sasiyini isibonakaliso sokugcina Asinikeza u-Abrahama na? Wayefulathele ithende, futhi watshela uSara ukuthi wayenzani futhi ecabangani ngaphakathi ethendeni.

68 Futhi uJesu, iNzalo ka-Abrahama yeqiniso, owangempela, umProfethi weqiniso, uNkulunkulu-mProfethi, oweza emhlabeni futhi wabonakalisa isibonakaliso esifanayo ekupheleni kwamaJuda, cabanga ngakho, ngenkathi Efika emhlabeni, Wenzani na? Wathi kuSimoni, "Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJona," indoda eyayingakwazi

ukubhala igama layo uqobo, noSimoni waqonda ngokushesha, ngokufundisa kukayise, ukuthi uMesiya wayezoba nesibonakaliso esinjalo, futhi waMqonda futhi waMemukela.

69 UFiliphu, wathi nje angakubona, wagijima, watshela uNathanayeli, noNathanayeli uza ngasosebeni naye, futhi wagijimela phezulu lapho uJesu ayekhona, noJesu wambuka, wayesethi, "UngumIsrayeli, okungekho nkohliso kuye."

Wathi, "Ungaze nini, Rabi na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

Futhi yathini leyo eyangempela, ekhethiwe, indodana kaNkulunkulu emiselwe ngaphambili na? "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli."

Wathi, "Ubusisiwe wena."

70 Khona-ke Wehlela kowesifazane eSamariya, ngoba amaSamariya ayebheke u, niyazi, ayebheke uMesiya. Noma ubani obheke uMesiya, Uzoza, uma ulapha ubheke Yena kulobubusuku, Uzohlangana nawe. Kodwa uma ungaMbhekile, Uyo—U—Uyo... Akakubhekile nawe, uma ungaMbhekile, Akasoze eze kuwe. Kodwa amaSamariya ayebhekile.

71 Manje, zintathu kuphela izinhlanga zabantu emhlabeni, abantu bakaHamu, uShemu, noJafete, iJuda, oweZizwe, nomSamariya, nalo lonke uhlobo luvela kukho konke lokho.

72 Futhi manje, qaphelani uPetru nezihluthulelo, ukufakazisa lokho manje, uPetru enezihluthulelo zoMbuso. Bangaki abakholwa ukuthi u... UNkulunkulu wamnika izihluthulelo na? UJesu wakwenza, impela Wakwenza. Futhi wazisebenzisa nini na? EZenzweni 2, kumaJuda. Khona-ke wehlela ngqo kumaSamariya, nakuba uFiliphu wayehlile futhi wababhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, kodwa babengakamemukeli uMoya oNgcwele namanje, ngoba uPetru wayenezihluthulelo. Wehla, wabeka izandla zakhe phezu kwabo, base bemukela uMoya oNgcwele.

73 Futhi khona-ke, okulandelayo, yini isizukulwane esilandelayo... iklasi elilandelayo na? AbeZizwe. Futhi wenyuka wayesevula iVangeli kwabeZizwe. Futhi kusukela kulokho, sasingasekho isidingo sezihluthulelo zikaSimoni Petru, ngoba sasesivele sivulelwe umhlaba wonke.

74 Manje, abeZizwe wayengabheke-Mesiya, kodwa amaJuda namaSamariya ayebhekile. Wazimemezela kanjani Yena uqobo na? Into efanayo Ayenza eSodoma. Wenzani kumaSamariya na? Ngenkathi owesifazane ephuma, owesifazane ene, isifebe, weza emthonjeni, noma, owesifazane ephila ngokuphinga, wayenamadoda ayisithupha, amahlanu ayewalahlile futhi ehlala neyodwa ngaleyonkathi, futhi weza emthonjeni ukuzokha amanzi, noJesu wambona, Wayesethi, "Sifazane, Ngiphuzise":

75 Futhi wathi, “Wena. . .akusilo isiko, sinjalo, sinokuhlukana ngalapha. UngumJuda, futhi ngingowesifazane ongumSamariya, Awufanele ungicele into enjengaleyo. Asinakho ukudlelana, omunye nomunye.”

Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi uBani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi.”

Futhi ingxoxo yaqhubeka waze Waxhumana nomoya wakhe, Wayesethi-ke, Wakuthola ayekufuna, Wathi, “Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

Wathi, “Usho iqiniso, ngokuba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.”

76 Wathi, “Mnumzane,” lalelani lona wesifazane, manje lona ngumSamariya, wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, siyazi lapho uMesiya efika, Uyositshela lezizinto.” Leso kwakuzoba yisibonakaliso sikaMesiya.

Futhi uJesu wathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

77 Futhi wenzani na? Wawisa imbiza yamanzi, wayesegijimela emzini, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?” Futhi iBhayibheli lathi amadoda omuzi amkholwa uJesu ukuthi unguMesiya, ngoba Wayetshele owesifazane izinto ayezenzile.

78 Manje, uveza kanye lokho Akwenza koweZizwe, Akazange. Kodwa uJesu wathi ngenkathi abeZizwe, noma. . . A—a—abaFarisi, nabashumayeli bangalolosuku, wathi Wayengowomoya ongalungile enza lokho, ukuthi iVangeli laKhe lalingesilo iqiniso, ngoba ba. . .Wayediliza amabandla abo nezinhlangano zabo, ebabiza ngesizukulwane sezinyoka nakho konke okunye, izimpungushe, nakho konke Ayengacabanga ngakho, Wayebahlukanisa bavuleke ngempela.

79 Kodwa nokho, Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikholwa, kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke kholwani yimisebenzi.” Lokho kuqinisile kunoma yimuphi umuntu, uNkulunkulu akayisekeli inkonzo yakhe, khona-ke akusiyo inkonzo kaNkulunkulu.

80 Qaphelani-ke, lona wesifazane, wathi, “Wozani, nibone loMuntu,” nabantu baseSamariya bakholwa kukho, Akazange aphinde futhi, Wavele nje wakwenza lokho kanye, kodwa owesifazane waye. . .watshela amadoda ukuthi uJesu wakwenza. Okwedlule, ngowesifazane, umuzi wonke wakholwa kuJesu, ngenxa yalesosimangaliso esisodwa.

81 Ngiyamangala ukuthi kuzokwenzekani eMelika na? Lesosifebe siyoma ekwaHlulelweni futhi silahle amashumi ezigidi zamalunga ebandla ekwaHlulelweni, ngoba hhayi kanye kuphela, kodwa izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane

zezikhathi kwenzeke ezweni lonke, emhlabeni jikelele, kuhlolwe yisayense, wonke umgxeki obekungadlula kudlulile, futhi kusalokhu kuphuma kumsulwa ngamaphesenti ayikhulu, uMoya oNgcwele, iZwi likwesekela. Sizoma kuphi, bazalwane, ngaloloSuku na? Kucabangisise nje. Futhi lokho kungahle kube ngaphambi kokusa, sisekupheleni; ngizothola okuningi kulokho kusasa.

82 Qaphelani, Wambeka, umnika isibonakaliso, lokho Ayeyikho, futhi niyakhumbula, KwakunguNkulunkulu uSomandla, Kwakungesiyo *indoda*, leyo nje kwakuyinyama yomuntu lapho, yanyamalala esikhashaneni nje, kodwa KwakunguNkulunkulu, Ezazisa kwabaKhethiweyo, ababizelwe ngaphandle, iBandla elehlukanisiwe. Khumbulani, hhayi idolobha elihleliwe, hhayi idolobha elikhulu, kodwa iqembu elalizulazula ezingwadule, lithatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Njengokujwayelekile, uNkulunkulu udingeke abize abantwana baKhe bangene ehlane, futhi basuke kulezizinto.

83 Wambiza, wamkhombisa lesosibonakaliso, futhi waqhubeka, no-Abrahama wakholwa futhi masinyane waguqulwa. Ngenkathi leyoNgelosi isuka enkundleni, u-Abrahama wayenomzimba oguquliwe, futhi ulungisiwe, nendodana iyafika eyayithenjisiwe.

84 Ngolunye lwalezizinsuku, iVangeli eliyimfashini endala enilizwayo liyothuliswa ngolunye lwalezizinsuku, neBandla liyokwemukela umzimba, okhazimulisiwe. Uzofanele ube nalolohlobo lomzimba ukuba ukhuphuke futhi uhlangane naYe emoyeni, ngeke sahamba ku*lolu*hlobo lomzimba. Ngakho labo ababukayo, labo abalalele, labo abalalelisisayo yibo abazoguqulwa ngesikhashana, ngokuphazima kweso, futhi sihlwithwe ndawonye ukuhlangabeza iNkosi emoyeni, iNdodana kaNkulunkulu elindelwe, ebesiyibhekile selokhu sa . . . singabona ukuthi besingamaKristu.

85 Khumbulani, sikufakazisile lokho izolo ebusuku, ukuthi wehlela kanjani eGerari, kanjani ukuthi uSara, isalukazi esineminyaka eyikhulu ubudala . . . Ngokwejwayelekile, ngithola uhlamvu noma ezimbili kulokho, zithi, “Awu, baphile izimpilo ezinde.” Kodwa ngifuna niqaphele isahluko 18, nesahluko 17, futhi, iBhayibheli lathi base begugile ngeminyaka, beqhothile, begobile, bebadala. Futhi ngenkathi befika ezansi lapho, u-Abimeleki, leyonkosi, ifuna isithandwa nabo bonke labo besifazane abahle bamaFilisti, futhi nokho wathandana nalo omdala ngempela, omdala, omdala, ukhokho-kakhokho, futhi wayeyomthatha abe ngumfazi, kodwa uNkulunkulu wamvikela.

86 Ngifuna niqaphele lapha, into ethize, dade, niyazi yini ukuthi uSara wayemthanda u-Abrahama kakhulu waze yena,

lowo wesifazane omuhle, waze wambiza ngenkosi yakhe na? Okungukuthi uPawulu kamuva uthi, "Eningamadodakazi akhe, inqobo nje uma nilalela iqiniso."

87 USara akazange agqoke izimfashini zosuku, njengoba kwenza uNkk. Loti. Cishe wayengumholi oyinhloko wazo zonke izinhlangano ezazikhona ezansi lapho, umyeni wakhe wayeyimeya yedolobha. Ngakho, ngicabanga ukuthi wayenjalo, ebandleni labo elikhulu, ekuseni lapho izinsimbi zikhala, futhi bonke baphumela lapho, ngicabanga ukuthi wayengowesifazane owaziwa kakhulu; wayengafuni ukushiya lokho, wayeboshelwe emhlabeni.

88 Yileyondlela abantu namhlanje, abafuni ukuzwa ngokufika kweNkosi uJesu. Ngani, kuyinto enhle kakhulu engingacabanga ngayo, ukuba Yena ahlukanise izibhakabhaka khona manje! Asidlule kukho. Kungani ngingewuguqule lo omdala owomile, oshwabene, ogugile, umzimba ogedlezelayo ogcwele ukonakala, lutho ngaphandle kwezibungu zesikhumba ezazingawudla, futhi zithathe lomphefumulo phakathi lapho othanda uNkulunkulu, futhi uhlangane kuWilliam Branham omusha sha oneminyaka engamashumi amabili-nanye ubudala ongasoze abe mdala, futhi neze, angalokothi abe nobuhlungu benhliziyo, noma angafi neze, angaguli neze, ukuba ahlale nabaKhethiweyo kuyo yonke iminyaka kulolonke iPhakade na? O, angikwazanga ukucabanga nganoma yini enkulu kunaleyo!

89 Yingakho ngifuna nifunde lofakazi lapha, lento encane, ngakubona, ngiyazi ukuthi kuyiqiniso, ngaxhawula izandla lapho, futhi—futhi, nabantu ababe. . .engangibazi. Futhi nga—ngangimile ngizibuka, ngilele lapho embhedeni, futhi lapha ngangimile, akukude kakhulu, ngeke sibe nebanga elide kakhulu lokuhamba, ngoba bengimile lapha ngempela njengoba ngimi kulelipulpiti. Futhi ngacabanga, "Manje lapha, nakho ngilele *lapho*, futhi bengingama kanjani *lapha* na?" Ngokufanayo nje njengoba nginjalo njengamanje. Kwakukhona abantu, bonke bebahle, ngingababona labo besifazane.

90 Bengithi ukuba l'khuni kwabesifazane, kodwa angi—angiqondile nina besifazane abangamaKristu, ngiqonde labo abenza sengathi bangamaKristu futhi bengesiwo, niyabo, ufuna ukuba ngoJezibele, qhabo, mnumzane, belandela izinto zezwe. Ngiyabaqonda ngqo ngokuqinisekile, futhi ngi—ngivele nje, ngifanele ngenze lokho, angikwazi ukuzibamba kulokho. Kodwa ufanele ube nokubi ukwenza okuhle kukhanye; ufanele ube nobusuku ukuthokozela ukukhanya kwemini; ufanele ube nokungalungile ukuthakasela okulungile. Konke kusebenza ndawonye kube ngokuhle kukaNkulunkulu, nenkazimulo yaKhe, wena usenkundleni yempi hhayi inkundla yepikiniki.

91 Impi! Wonke umuntu uthi, "Woza, ube ngumKristu, yonke into izohamba kahle." Qhabo, mnumzane, akumfanele

umKristu, "Bonke abahamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa." Ufanele uhlekwe, futhi kuhlekiswe ngawe, unyathelwe, ukhahlelwe, kuhlekiswe ngawe, "Uma babiza iNkosi yendlu ngoBelzabule, bayobabiza kakhulu kangakanani abafundi baYo na?"

92 "Ngizothatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi, ngaqala ukungena noJesu, O Nkosi, ngidlulise." Kunjalo. Lokho ngokwami—lokho ngokwami—lokho ngokwami okwenziwa endaweni yokunye ngukwedlula kukho.

93 Uma kuphela ngibuka phansi kulobubusuku, futhi ngibuke lapha kulelidolobha, ngibuke izinyanga ezintathu ezedlule lapho kade ngikhona esizweni sonke futhi ngibona ukuwa kwamabandla, ukunganaki kwabelusi, ngibone ukunganaki phakathi kwabantu abaphumayo, bebukeka njengezinhlanzi nezinkwa, ne—nento encane yokuqala yaba nolaka olwenele ukulwa nesaha elinomsindo, nokunganaki, okucasulayo, abantu bePentecostal, inhlangano yabefundisi ifuna ukungikhipha eringini ngoba nje ngidedele indoda emsamo eyayingabhaphathizwanga ngendlela ababecabanga ukuthi yayifanele ibhaphathizwe ngayo, futhi—futhi ba . . . O, ukunganaki okunje pho! Ukuba bengibuka khona lapha, bengi—bengingayeka. Ngiyajabula ukuthi uNkulunkulu wangibamba ngaphambi kokuba ibandla likwenze, njengoba ngitholile ngoNkulunkulu. Kunjalo. Ngathola ukuthi uNkulunkulu wayengowangempela.

94 UMnu. Baxter, wake, u-Ern Baxter, wayevame ukungiphathela imikhankaso, washo enhla eCanada, babe, ngesinye isikhathi kwakukhona umncintiswano wokuwina ibhayisikili elisha iSchwinn. Babenepulangwe elaliyifidi ububanzi, babefanele baligibele amashumi amahlanu, noma amayadi ayikhulu, lihlezi cishe amafidi amathathu emoyeni. Futhi bonke lapho babengompetha, U-Ern wathi, "Ngangingaya ezansi nedolobha, ngithole igrosa kamama, ngiyifake ngaphansi kwezingalo zami, futhi ngedlule ngasezimotweni zasemgwaqeni, phezulu ngasezimotweni futhi ngingalokothi ngithinte izimpondo zami." Wathi, "Ngangikwazi *ukugibela*." Uhlala ngokuhlehla phezu kwalo, futhi ngigibela ngokufanayo nje njengoba engaya phambili, wathi, "Akwenzanga mehluko kimi." Futhi cishe bonke babengompetha, futhi babeqinisekile ukuthi babezoliwina lelobhayisikili iSchwinn.

95 Futhi babenomfo oyedwa osasitabane phakathi kwabo, wayengesuye umgibeli okahle kakhulu, babazi ukuthi wayengezukuwina. Kodwa ngenkathi bebabeka bonke emzileni futhi baqala babakhipha, bonke bawa, kodwa lona omncane, umfana osasitabane, waligibela waphuma kwaze kwaba sekugcineni, wehla, wemukela umklomelo, wathatha ibhayisikili. Futhi bonke abafo bamzungeza, bathi, "Sitshele ukuthi ukwenze kanjani."

96 Wathi, "Bafana, ngizonitshela lapho enenze khona iphutha lenu." Wathi, "Ngikucabange konke ngaphambi kokuba ngingene lapho." Lowo ngumqondo omuhle. Wathi, "Niyabo, nonke benizama *kanje* ukugcina ibhayisikili ebhodini, nibuka phansi ngqo *kanje* ebhayisikilini lenu, kukwenza ube nokwethuka, ufanele uyaluze, uwile. Futhi ngibonile lapho enenze khona amaphutha enu." Wathi, "Angizange ngibuke ukuthi yini ebiphansi *lapha*, ngivele ngabheka ukuphela futhi ngaqhubeka nginganyakazi." Yilokho-ke. Yilokho-ke! Bhekisisa isiphetho futhi ulokhu unganyakazi, ulokhu uqhubeka nje.

97 Bengiyodumazeka kulobubusuku, ukuba bekungesikho okwalokho, ngibhekisisa ukuphela, ngizigcina nje nginganyakazi. Qhubekela phambili, akunandaba ukuthi kwenzekani, gcina nje, ungakubuki lokho, qhubeka nje ubuka isiphetho, yilapho ohlangana khona noNkulunkulu ezansi lapho ekupheleni, yilapho imivuzo ikhishwa khona. Ungawi *lapha*, qhubeka uye ekupheleni. "Okhuthazelayo kuze kube sekupheleni, nguye lowo oyakusindiswa," umBhalo.

98 Manje, siyathola-ke ukuthi ukuqinisekiswa kwe, kuka-Abrahama, kunikeza . . . Futhi yonke into yaphenduka impela nje, manje. Manje bhekisisani, umthetho owodwa uNkulunkulu awunike iBandla laKhe, ayikho neyodwa—ayikho neyodwa into Ayethembisa u-Abrahama, ayikho neyodwa into Ayenza ku-Abrahama, kodwa lokho Akwenzile kukho, noma, ukupha iBandla, ngaphandle kwento eyodwa, ukuguqulwa komzimba. Futhi lapho Enza lokho . . .

99 Manje khumbulani, uSara wadingeka aguqulwe. Bangaki okukholwayo lokho na? Phakamisa isandla sakho. Wayefanele abe nomzimba oguquliwe. Wayeneminyaka eyikhulu ubudala, wayengazala kanjani umntwana na?

100 U-Abrahama, awu, iBhayibheli lathi, njengoba umuntu uyokwenza, umzimba wakhe wawusufe iminyaka eminingi. Funda kwabaseRoma isahluko 4, lapho okwathi, "U-Abrahama wayenganakanga umzimba wakhe, manje osunjengofile, noma ukufa kwesizalo sikaSara. Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo," waqhubeka nje eqhubeka.

101 Manje, umzimba wakhe wawungavundile, ungazali, uneminyaka eyikhulu ubudala, futhi ufile, ngokocansi. Isizalo sikaSara sasifile, singamukeli, imithambo yobisi ingasekho, amabele engasekho. Futhi inhliziyo, lowo wesifazane oneminyaka eyikhulu ubudala ukuba ayosikwa na? Niyabo, kwakukhona . . . Wayesefana nje nofile, kodwa manje-ke wayengeke abe naleyongane, wayengeke emukele lesosithembiso, ngaphandle uma eguquliwe.

102 "Manje, uzama ukuthini, Mfowethu Branham na?" Lalelisisani, singeke kuloluhlobo lwemizimba, ukuba sike

semukele iNdodana ethenjisiwe, ngokuba Ayizi emhlabeni, sifanele sihlwithwe. Imizimba yethu ifanele iguqulwe, ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, futhi sifanele sihlwithwe ukuMhlangabeza emoyeni. Nesibonakaliso sokugcina sanikezwa, ngaphambi kokubhujiswa, kwakungukuthi iNgelosi, ikhombisa ukuthi uNkulunkulu wayezohlala kofayo, inyama yomuntu, enza lesosibonakaliso esifanayo, ngaphambi kokuba imizimba yethu iguqulwe, futhi leso yisibonakaliso sokugcina iBandla elisitholayo.

103 Ngikhombise enye into eyodwa uNkulunkulu ayenza ku-Abrahama, ngikhombise esinye futhi isibonakaliso Amnika sona kunaleso sibonakaliso lapho, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina. Wonke okwaziyo lokho, ngabafundi beBhayibheli, bathi, "Amen." Leso yisibonakaliso sokugcina esanikezwayo; lesi yisibonakaliso sokugcina. Bandla, ngizweni, eGameni leNkosi!

104 Bukani imfundo yami, ukungeneli kwami kokushumayela, ngingayibambi indaba yami futhi ngikhulume njengogcotshiwe, noma, abashumayeli abafundile abakhuluma ngempela. Ningakulaleli lokho, lalelani enginitshela khona, iZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu usemva kwakho, ngoba Ulifakazisile iZwi elishunyayeliwe. Uma ungangikholwa, uthi, "Awu, wena, Mfowethu Branham awusuye owenhlangano yethu," awu, kholwa imisebenzi-ke, dedela inhlangano ihambe, futhi ukholwe yimisebenzi. Kuthathe ukuyise enhlanganweni yakho uqobo, ubenze bakukholwe, ubungenza umsebenzi ongcono-ke, kunoma ngingenza, noma ungamehlula uNkulunkulu ngokukwenza, uNkulunkulu angeke akwenze Yena uqobo.

105 Qaphelani, isahluko 18 yilapho Enze khona lokhu. Isahluko 17 manje, Umnika amandla esimangaliso, umnika uMoya oNgcwele, ngamany'amazwi, makadonse okwaKhe, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo kokwakhe uqobo.

106 Manje, senzani lapho semukela uMoya oNgcwele na? Sithatha ukuPhila kukaNkulunkulu sikufake kokwethu. Ngabe kunjalo na? Ini: sihlanganisa ukuPhila kukaNkulunkulu kokwethu. Singamadodana kaNkulunkulu, ngoba sidonsa kuNkulunkulu, uMoya oNgcwele osenza amadodana kaNkulunkulu. Kwenzani lokho na? Kusenza silungele-ke, uguquko. O, mfowethu, kusenza silungele uguquko olulungela ukufika, olugcwaliswe ngoMoya. Nje ncika ngqo esifubeni saKhe, futhi ulokhu udonsa. Khona-ke sithola ukuguqulwa ngolunye lwalezizinsuku, lokho khona lapho, futhi, ngingakwethembisa lokho, iNdodana ethenjisiwe isendleleni yaYo.

107 Manje qaphelani, masinya emva kwalokho, uSara uyakhulelwa, futhi wayazi ukuthi wayezoba nalengane.

Manje, usemusha manje, emuhle, ngisho nenkosi yamthanda. Wayezofanele abe ngovelele, noma leyonkosi yayingeke neze imthande, niyazi, wayengowesifazane omuhle, futhi yayifuna ukushadelwa nguye, futhi—futhi uNkulunkulu wamvikela.

108 Enye futhi into engifuna ukuyifinyelelisa ebandleni, manje, abanye benu abahlezi lapha, izolo ebusuku ngenkathi ugcobo lungishaya, bengiwezwa lawo malangabi amancane phakathi lapho, kade ngizama ukucabanga ngakho, ngikubhabhale phansi lapha ukuze ngingakukhohlwa, ngikubambile lokho izolo ebusuku, ukuthi uyacabanga, "Awu, nge—ngenza *ukuthi-nokuthi*, ngenza *ukuthi-nokuthi*." Izikhathi eziningi, ngithola ukuthi abantu ngeke ngisho beze emgqeni womkhuleko, ngeke ngisho bathathe inombolo yabo lapho bebizwa, bayesaba ukuthi kuzobizwa, izinto ezithize. Manje, ngangivame ukuqhumisa lokho kuphume ngqo, nonke niyakwazi lokho, futhi hhayi ngaphandle uma empeleni ngiholwa ukuba ngikwenze, angisakwenzi.

109 Manje, nizokwenza amaphutha enu. Wena uthi, "Mfowethu Branham, akunandaba ukuthi ngiyoke ngenzeni, angisoze ngafaneleka." Kunjalo. Kodwa buka, wena uthi, "Mfowethu Branham, ngesinye isikhathi angiwukholwanga loMlayezo." Kunjalo, ngi—ngiqagele abaningi benu abazange, bengingeke ngikwenze, ngiqagele, qobo lwami, bengingeke ngikwenze ngaphandle uma uNkulunkulu eKwembule kimi. Ubu—ubuyoba ne. . . Kuyisambulo, iBandla lonke lakhelwe esambulweni, ngaphandle kwesambulo awusoze wakubona, uphuphuthekile.

110 UJesu. . . IBhayibheli lathi, ngiyakholwa, uMathewu 12, ngikholwa ukuthi kwakunguye, lapho athi, "Nakuba uJesu wayenze izibonakaliso eziningi kangaka phambi kwabo, nokho abakholwanga, ngoba u-Isaya wathi, 'Banamehlo, futhi ababoni; izindlebe, futhi abezwa,'" futhi impela, abantu abangcwele ngempela, wona impela ukhilimu wobungcwele. Ngakho ubungcwele abusikho bonke, ukuphila okungcwele akusikho konke, ukukholwa kuyinto esemqoka.

111 Manje lalelani, bandla, ngifuna ukuqathaza lokhu phakathi lapha, ngoba ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ungitshele ukuba ngikwenze, ningahle ukuba nihlezi lapho, okungukuthi abanye benu banjalo, ngiyazi ukuthi ninjalo, ningavumelani nami, khona manje, manje ngingalibiza igama lakho uma ufuna ngilibize, ngakho, ngiyakwazi lokho, kodwa futhi ngingabona phambili kunalokho, ukuthi nizokukholwa ngolunye lwalezizinsuku.

112 Ngakho ngizofaka lokhu nje, ukuze nizoqonda, ukuze ngininike indawana encane yomusa lapha, lapho kungeke kube yisikhathi eside kakhulu, nize nishintshe umqondo wenu, abanye benu, abanye benu ngeke. Kodwa khumbulani, ngenkathi uSara eqala ukuzwa leyoNdoda, okungukuthi

ingumfanekiso weBandla, ngenkathi ekuzwa lokho, ebone lesosibonakaliso senzeka ku-Abrahama, empeleni wahleka ngakho enhliziyweni yakhe, futhi akakholwanga futhi wakungabaza ukuthi kwake kwaba njalo. Ngabe kunjalo na? Ngalesosikhathi, uNkulunkulu wayeyolihlikihla alikhiphe igama lakhe. Kunjalo na? Kodwa Akakwazanga, uyingxenye ka-Abrahama, bamunye.

113 Futhi uma ngempela ubungaxhuxhumanga, ungasetshenzwanga ngamadlingozi, ungenaso isivumokholo esithize sebandla, kodwa ngempela wemukela uMoya oNgcwele, futhi ngempela uyingxenye kaKristu, futhi usalokhu unqikaza kancane engqondweni yakho, uNkulunkulu angeke akusunduze akususe kulokho, ngoba Angeke, wena uyingxenye kaKristu, Uyokuletha eqinisweni.

114 Manje, uma ungakaze . . . uvele nje, ungahle ukuba ukhulume ngezilimi, wasina eMoyeni, futhi wenze zonke lezizinto lapho, lokho—lokho akusho ukuthi unoMoya oNgcwele. O, he, he, lokho kuqhele ngamamayela ayisigidi kukho. UJesu akazange athi, "Manje khumbulani, ngikholwa ukuthi lapho nemukela ukugcwala kukaMoya oNgcwele, ukhuluma ngezilimi." Kunjalo. Kodwa uJesu akazange akwenze, akukho-mBhalo eBhayibhelini othi lokho ngubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele; Ngifuna nikuveze, uma kunjalo. Awukho umBhalo onjengalowo.

115 UJesu wathi, "Niyakubazi ngesithelo sabo." Futhi isithelo sikaMoya asisikho ukukhuluma ngezilimi, leso yisiphiwo sikaMoya oNgcwele, emva kokuba uMoya oNgcwele esefikile, leso ngesinye seziphiwo esihambisana naWo. Ukushumayela, ukukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, zonke lezozinto ziyiziphiwo zikaMoya oNgcwele.

116 Bamangala ngoSuku lwePhentekoste, uPetru wathi, "Phendukani, nibhaphathizwe, yilowo nalowo, eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukeliswa iSiphiwo sikaMoya oNgcwele." Niyabo?

117 Manje, kodwa khumbulani, ngikholwa ukuthi lapho ugcwala kakhulu uMoya oNgcwele u—u . . . iBhayibheli lathi, "Izindebe ezingingizayo nezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu." Ukungingiza, ugcwele kakhulu uMoya oNgcwele awukwazi ukusho lutho ngolwimi lwakho, lokho kungenkathi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Kodwa ngiyakholwa ukuthi lapho ukholwa kuNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi wemukela uJesu njengoMsindisi wakho, unengxenye yalowoMoya oNgcwele, ngoba uJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade." Futhi sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade. Khona-ke ungumntwana nje, khona-ke uqala ukuhamba ungene ekugcwaleni kukaMoya. Ukhula emseni, khona-ke u . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

118 . . . uWesley, futhi manje ePhentekoste, into efanayo, bese-ke kuba ukubekwa kwendodana, bese kuba yisipho sesibonakaliso sokugcina, bese kuba wuhlwitho lomzimba, ukuguquka komzimba, noHlwitho.

119 Manje, ngenkathi bebuya, uSara waqonda ukuthi wayezoba ngumama. O, kufanele ukuthi wayeyinenekazi elincane elijabule. Sengiyambona manje, lezo ezimnyama, izinwele ezicwebezelayo, lawo amakhulu, amehlo evelvethe, ubuso obuhle, wayesengowesifazane osemusha ngaleyonkathi, mhlasimbe eseminyakeni engamashumi amabili angasekuqaleni. U-Abrahama, eqinile futhi ephilile, insizwa, eguqukile esuka ekubeni mdala, umfo ohlulekile, waba yinsizwa, ekhombisa ukuthi Uzokwenzani kuyo yonke iNzalo ka-Abrahama, kunjalo impela.

120 Bese kuthi-ke, into yokuqala niyazi, bebengaba, baphile njengabantu abasha. Base-ke bezala lomntwana omncane, futhi ngenkathi ethi akabe neminyaka eyishumi nambili ubudala, uNkulunkulu wathi, "Manje, ukwenza lokhu kuqiniseke ngempela kubo bonke abantu, Ngizofakazisa kubo eNgizokwenza, kukhombisa ukuthi iNzalo ka-Abrahama ayisoze yangabaza iZwi laMi, iNzalo yeqiniso ka-Abrahama ayisoze yalingabaza iZwi laMi."

121 Manje, nansi indlela yokuhlola ukuthi ngabe ngempela uyiNzalo ka-Abrahama, noma qha: Lapho ibandla lithi, "Kholwa yi*lokho*, futhi ngizokukhahlela uphume," lokho akusho lutho eNzalweni ka-Abrahama, akukho-nto, lokho nje kumbeka endleleni yakhe kahle, lokho nje kuyamkhulula, nangu ehamba.

122 Futhi, ebona ukuthi waye—wayezoba nguyise wezizwe, manje, uNkulunkulu wathi, "Ngifuna uthathe lomfana wakho, futhi Ngizokukhombisa embonweni *ukuthi uhlobo olubukeka kanjani* lwegquma oya kulo, intaba, futhi thatha lowomfana wenyukele lapho, futhi kalula umbhubhise."

123 Ubungathini nje ukuthi yini ayathi nyelele emqondweni ka-Abrahama njengomuntu phezulu *lapha*, phezulu *lapha* na? "Awu, ngizoba kanjani ngubaba wezizwe, futhi lapha ngilinde yonke leminyaka futhi nginomfana lapha, futhi lapha uneminyaka eyishumi nambili ubudala, Uyangikhipha manje, futhi uthi, 'Mkhiphe futhi umbulale'? Kanjani . . . ? Futhi Wangethembisa ukuthi ngalomfana ofanayo, lona ngumfana Angethembisa yena ngoSara, futhi uma—ukuba benginalomfana lapha, ubeyoba nguyise wezizwe, manje Uyangikhipha ukuba ngikubulale."

124 Yilapho ubuhlakani buqala khona ukusebenza, kodwa umbubuzi omncane wayelokhu ethi, "Wamkholelwa ini iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, nokho na?" Lowo mbubuzi omncane wathi, "Awu . . . "

125 Bese-ke kwenyukela e, mphinjeni wakhe, bese-ke enza ukuvuma, "Ngamamukela njengovela kwabafileyo, ngiqinisekile ngokugcwele ukuthi uNkulunkulu unamandla okumvusa kwabafileyo." Yilokho-ke. Lapho *lokhu* kuhamba ekukhulumeni phansi *lapha*, lokhu kuyathula.

126 Njengoba ngasho ngobunye ubusuku, ensimini yase-Edene udeveli wakhetha ingxenye yomuntu, noNkulunkulu wakhetha ingxenye; UNkulunkulu wakhetha inhliziyo yakhe, udeveli wakhetha ubuhlakani bakhe. Futhi manje, namhlanje, ibandla namhlanje, lencikise yonke into phezu kobuhlakani, lingacabangi neze ngenhliziyo. Niyabo? Futhi into kuphela abangayibona, "Awu, angikwazi nje ukukubona ngaleyondlela." Awuboni ngamehlo akho, empeleni, ubheka ngamehlo akho, ubona ngenhliziyo yakho. Ubheka noma yini, uthi, "Angiyiboni nje." U—uyakubheka, kodwa awuku*boni*, kusho ukuthi awuku*qondi*, ukuqonda kwakho kuvela enhliziyweni yakho.

127 Manje, nangu manje, aka—akakuqondi ngengqondo yakhe, uzokwenza kanjani na? Ukuhlakanipha kwakhe bekuyomtshela lokho, lokho yimizindlo yakhe, kodwa iBhayibheli lathi, "Silahla phansi izizindlo." Sizilahle kude nathi. Uthi, "Ngizosinda kanjani lapho udokotela ethi, 'Lapho ngenze *lokhu*. . .'?" Lokho akuhlangene ngalutho nakho.

128 Uthola cishe oyedwa kuwo wonke amakhulu amahlanu okukholwa ngempela lokho, ahlele ngqo lapho, futhi akukho lutho ezweni oluyoke lubaguqule. Awu, sifanele senzeni na? Sidabule yonke into, size sithole leyo. Kunjalo. UNkulunkulu uhlola emhlabeni wonke ukuthola umuntu oyedwa. O Nkulunkulu! Lapho ngicabanga ngalokho, kwenza inhliziyo yami ivuthe. UNkulunkulu uhlola umhlaba ukuzama ukuthola umuntu oyedwa ozozinikela kuYe, Ubehlala njalo ekwenza.

129 Wathola umuntu oyedwa ngosuku lukaNowa, emashumini ezigidi nezigidi. Abantu bayafuna, njengokuthi nje, kunabantu abaningi kakhulu abanjengoSamsoni namhlanje, uSamsoni wanika uNkulunkulu amandla akhe, kodwa akaMnikanga inhliziyo yakhe; uNkulunkulu wayengasebenzisa amandla akhe, kodwa hhayi inhliziyo yakhe. USamsoni wayeyindoda yamanenekazi ngandlela thize, niyazi, futhi nje akakwazanga ukuMnika inhliziyo yakhe, wadingeka anikeze leyo kuDelila, kepha wanikela amandla akhe kuNkulunkulu. UNkulunkulu wasebenzisa amandla akhe, kodwa Akakwazanga ukusebenzisa inhliziyo yakhe.

130 Ngakho abaningi kakhulu namhlanje, uNkulunkulu, uzonikela ubuhlakani bakho kuNkulunkulu, "NgizoKwakhela indlu enkulu, ngizoKwenza inhlangano, ngizokwenza *lokhu*, ngizokwenza *lokho*." Aniqondi yini ukuthi leyo yinto efanayo uKayini ayenzayo futhi wenqatshwa na?

131 UKayini wazakhela i-altare, futhi wenza umhlatshelo, wayesethi, "Nakhu, ngizoKukhonza, ngiyaKukholwa. *Nanko* umhlatshelo wami, *nanto* i-altare lami, lithathe noma ulishiye." Yileyondoda namhlanje, indoda ekholwayo, u-Esawu ngendlela efanayo, nebandla ngendlela efanayo. "Ngenze *lokhu*, ngenze *lokhu*, ngenze *lokhu*." Akusikho lokho okwenzile, kuyilokho Akwenzile. Mnike inhliziyo yakho, futhi uMlandele.

132 Ezama ukuthola indoda ezoMlandela. Wayeneyodwa ngaleyonkathi, u-Abrahama, wayeyileyondoda ephelele, noma yini uNkulunkulu ayisho, lokho kwakulungile.

133 Ngakho bhekisisani, ungathini nje, manje, u-Abrahama wayengenakumtshela uSara, unkosikazi, lowo obukekayo, umfana omncane oyiJuda, cishe oneminyaka eyishumi nambili ubudala, uzomkhuphula, futhi amnqume umphimbo wakhe na? Lokho bekungaba yinto embi kabi ukutshela uMama, akakwazanga ukumtshela. Ngakho, ngokusa okulandelayo wavuka, futhi wanquma izinkuni, wathi wacanda izinkuni, okusho ukuthi "walugawula," wazifaka esakeni lohlobo oluthize, uhlobo oluthize lwesaka lesikhumba, wazibeka emhlane womnyuzi, wayesebiza izinceku ezimbili, wayesethi, "Isaka, wena nami sizoyokhonza, asihambe neminyuzi. Mama, sizobuya ezinsukwini ezimbalwa." Kulungile.

134 Uyaqhubeka, usho wenyukela ngasezintabeni. Futhi khumbulani, wahamba uhambo lwezinsuku ezintathu. Ngabe kunjalo na? Izinsuku ezintathu. Manje, indoda ejwayelekile, noma yimuphi nje umuntu...futhi yena esemncane, mhlawumbe ineminyaka engamashumi amabili ubudala, amashumi amabili-nanhlanu. Ngenkathi ngivamise ukugada, ngangihamba amamayela angamashumi amathathu nambili nsuku zonke ngidabula emenweni, futhi sasijwayele ukugibela ngaso sonke isikhathi. Konke umuntu akwenzile ngaleyonkathi okokuthwala, kuphakathi kokuthi ugibele umnyuzi, noma—noma—noma ehamba. Ngakho, ngingahamba...ekugcineni ngingathi, ezintabeni wayehamba okungenani amamayela angamashumi amabili ngosuku. Awu, emva kokuba esehambe izinsuku ezintathu ebuya, khona-ke waphakamisa amehlo akhe futhi wabona intaba ayibona embonweni, ikude, wayesefika kuyo. Bhekani ukuthi wayekuphi manje, ukusuka empucukweni. Ngiyakuthanda lokhu, lokhu kuhle kakhulu, ningakugeji.

135 Lapho befika entabeni, u-Abrahama wathi ku—kubafana owayebambe iminyuzi, wathi, "Hlalani lapha, nibheke iminyuzi, umfana nami, siya ngaleya ukuyokhonza, futhi umfana nami sizobuya."

136 Uzokusho kanjani lokho, Abrahama, lapho uya lapho ukuyobulala lowomfana? Kuyini na? Lokho yilokho kukholwa. Akazi ukuthi kuzokwenzeka kanjani, kodwa uyazi ukuthi kuzokwenzeka. O! O! O! O!

137 Wena uthi, "Mfowethu Branham, uziphathisa okwesiwula phezulu lapho." Awu, mhlawumbe ngiyakwenza, kodwa ngizizwa ngikahle kabi. Ngizizwa ngingcono ngalendlela, kunoma ngenza ebuhlakanini obudala benyama, ngakho ngingaqoka ukuhlala ngalendlela.

138 "Nina bafana lindani lapha neminyuzi, umfana nami siya ngaleya ukuyokhonza, futhi sizobuya."

Ukuba-ke iNgelosi yama lapho, futhi ithi, "Abrahama . . . "?

O, ukuba-ke udeveli wayemi ngakwelinye icala, wathi, "Abrahama, uqambe amanga"?

139 "O, qhabo. Kukhona *okuthize* phansi phakathi *lapha* okungitshelayo uma ngifanele ngisho ngimbulale, ngamemukela njengovela kwabafileyo, uNkulunkulu wayengamvusa abuyele emhlabeni futhi. Umfana nami sizobuya, ngoba ngani na? UNkulunkulu usevele ungitshelila ukuthi ngalomfana kuyoba yiNzalo eyosindisa izizwe. Futhi Waguqula igama lami wayesebeka *h-a-m* ekugcineni kwegama lami, futhi ngingubaba wezizwe ngalomfana, futhi angazi ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani lapho, kodwa Uzokwenza."

140 *Whewu*! O, he, lokho kubeka umlilo! Lokho kukunika okuthize ukuba ume kukho. Leyo akusiyo enye yalamaKatolika, izindaba zikaSanta Claus zento ethize engamanga engakaze yenzeke, lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI UNKULUNKULU UJEHOVA. Amen. "Akungenzeli mehluko ukuthi sibuya kanjani, siyabuya. Yilokho kuphela."

141 "Unjani . . . ?" Manje, uma Ubengathi ku . . . Nansi indoda, ihlezi lapha nenduku yokudondolozela, impumputhe, "Uzokwemukela kanjani ukubona kwakho, mnumzane na?" Ake nje uNkulunkulu akhulume enhliziyweni yakhe kanye, futhi ubheke ukuthi kwenzekani. Mhlawumbe kukhona oyedwa laphaya onomdlavuza, efa; omunye emuva lapha enenkathazo yenhliziyo, usanda kuba nokuhlolwa nje, udokotela wathi, "Ngeke aphile, uzofa," makuthi lowombubuzi omncane ashwileke phansi lapha ngesinye isikhathi, "NgiyiNkosi ekuphulukisayo, ekunika ukubona kwakho, esusa umdlavuza, ekwenza uhambe." Hhe! Konke sekuphelile. Angikhathali ukuthi noma yikuphi okwesayense, noma yini enye, akunandaba uma udokotela ebeka i, umnika isithombe esidwetshwe umshini okala ukushaya kwenhliziyo, futhi wamtshela ukuthi inhliziyo yakhe yayisivele imile, wayesazokukholwa. Yebo, mnumzane. Uzokwenza noma kanjani, akukho lutho olungakumisa, yilokho—yilokho ukukholwa okuyikho.

142 Niyazi ukuthini? Ngithetheleleni, bazalwane, bodadewethu, angazi ukuthi kungani ngizosho lokhu, kodwa ku—kuyangiklinya ukuthi ngikusho. Ngiyazi kukhona okulungiselela ukwenzeka kimi, ngakho ngi—ngiyathulula nje. Kunjalo. Udumo kuNkulunkulu! Mfowethu, ngibone okuningi

kakhulu ukuzenzisa, okumangalisayo kakhulu, *okubizwa* ngokholo lwaseMelika, kuze kungenze ngigule esiswini sami. Abavangeli begijimisa abantu ngemigqa, futhi bethi, "Oo, uya*ku*zwa!" Uzokwenza kanjani lokho na?

143 Ngathola incwadi evela eJalimane ngoluny'usuku, yomfundisi ongumLuthela waseJalimane, inhloko yenhlangano eJalimane, esifundeni esithize lapho umvangeli ayekhona, futhi wabiza ukunaka kwalomvangeli kukho, wathi, "Into oyenzile kwakungukushaya abantu ngenxa yemali. Futhi bekungangcono ukuba nina maMelika ningasuka lapha." Kunjalo. Kunjalo, ngiyavumelana naye. Wathi, "Kuthiwani ngoDeborah Stadsklev omncane, phezulu lapho, uma uthi konke lokhu kukholwa okumangalisayo kakhulu okwakho konke na?"

144 Nginencwadi efayeleni ngqo. Noma yini engiyisho kusukela lapha, mfowethu, ngingayisekela. Niyabo? Wathi, "Konke lokhu lapha ukukholwa obukhuluma ngokuba nakho, kungani nonke nenze konke lokho kuqhaqhazela, nokugxuma, nakho konke okunye lapho, nizama ukutshela abantu ukuthi baphulukisiwe, futhi benza *lokhu*, futhi benza *lokho*, ngenkathi engenzanga na? Awuzange ulethe ukuphenduka." Wathi, "Awulindanga ngani njengoba kwenza uMfowethu Branham, ngenkathi bembiza ngoDeborah Stadsklev omncane na? Walinda waze wathola impendulo engunqamla-juqu evela kuNkulunkulu." Nakho lapho okhona.

145 Lindani nize nizwe, ISHO KANJE INKOSI. Hlanzani izimpilo zenu, sukani ekungakholweni kwenu, yekani ukuba nalokhu *okumangalisayo okukhulu*, "Ngizwile, ngiyathinta, nginegazi, ngine. . ." O! Akumangalisi into icwila! Kuzofanele kubuyele eBhayibhelini likaNkulunkulu, ukuphenduka ekungakholweni, hhayi *okumangalisayo okukhulu*, ukushaya ihlombe, futhi usebenzele emadlingozini amaningi. Indawo yokuzalwa yePentecostal ikulokho, ngalezizinsuku, iyabanyakazisa, futhi ithi, "Kusho! Kusho! Kusho! Kusho! Kusho! Kusho!" baze bathi wuhlobo oluthize lolimi olungaziwa, noma bathole ukudideka, bese-ke bethi unoMoya oNgcwele, futhi baphile noma yiluphi uhlobo lwempilo, nokungakholwa okwenele kubo bekungangcolisa isihogo sikadeveli. "Ukukholwa okumangalisayo kakhulu." Ha!

146 Yini indaba ngami, empeleni na? Nginitshela iqiniso kuphela, ngolunye usuku niyokubamba, ngelinye ilanga niyokwazi ukuthi nginitshele iqiniso, iphimbo lami lingahle lithule. U—ungahle—ungahle ukwazi ukuthulisa umzimba okhulumayo, kodwa awusoze walithulisa lelophimbo, livela kuNkulunkulu. Bakhanda ngamatshe uStefanu, kodwa abakwazanga ukumisa uMlayezo wakhe. Uzoqhubeka, lawomateyipu azodlalwa emva kokuba sengihambile iminyaka.

147 Yebo, "ukukholwa okumangalisayo kakhulu," umMelikana,

wakhiwe phansi kwenqwaba yenkathazo, abesifazane abapende ubuso begqoke izikhindi nakho konke okunye, begijima emigqeni, futhi bebanyakazisa, bempongoloza, "Ya, ukutholile, haleluya, wena!" O, umbhedo. Phendukani! Buyelani kuNkulunkulu. Sidinga ukuhlanzwa. Amen.

148 Ningacabangi ukuthi ngithukuthele, angithukuthele. Uma benginjalo, bengiyokwehlela lapho e-altare, ngiphenduke ngaphambi kokuba ngiqede loMlayezo. Nginitshela kuphela Into ethize enhliziyweni yami ebilayo, futhi YiZwi likaNkulunkulu. Udinga ukuhlanzwa kusukela epulpiti kuya ekamelweni elingaphansi, yonke indawo.

149 "Ukukholwa okumangalisayo kakhulu," ayikho into enjalo ngoNkulunkulu. Ukukholwa kukaNkulunkulu kumsulwa, kuhlanzekile, akuxutshwe nalutho. Kunjalo. Into ethize ngaphakathi, inyakaza, ithi, "Ngiyakwemukela." Mfowethu, uyazi ukuthi ukuphi ngaleyonkathi.

150 Lapha esikhathini esingeside esedlule, ezansi le lapho eKentucky, uMfowethu Sullivan, elidala, elipheshiwe, iyembe elil'hlaza s'bhakabhaka, amehlo ampunga ensimbi, wangibuka esweni, wayesethi, "Mshumayeli, ngiyakukholwa lokho." O, mfowethu, lokho bekungamaphesenti ayikhulu nento; wakwenza. Nomdlavuza, ulenga ohlangothini lobuso bakhe waqathakela phansi, wakukholwa. Abaningi kakhulu unethemba esikhundleni sokukholwa. Manje, amaphephandaba ayegcwele udatshana lwakho, intatheli imi lapho, nomdlavuza wagingqikela phezu kwezinyawo zayo, ayikwazanga ukuyeka ukubhala ngakho, yazicoshela yona uqobo.

Uthi, "Kungani unga . . .? Angikubonanga, ndawo."

151 UJesu wathi, "Bonani ukuthi anitsheli muntu." Sinokuningi kakhulu ukwazisa namhlanje, ukulungisa okuthile phambi komphakathi ukukwenza . . . O, kungcono ngithule, ngiqhubeke. Qaphelani, kodwa lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

152 U-Abrahama wathatha umfo omncane, bhekani, wabeka izinkuni emhlane ka-Isaka. Umfanekiso kaKristu nezinkuni emhlane waKhe. Benyuka intaba, baqhubeka benyuka, benyuka bedlula emithini yokwenza amapulangwe, wenyukela phakathi kwamadwala amakhulu, wenyukela le phezulu emadwaleni amakhulu, eya ezihlabathini ezimhlophe, waqhubeka wenyukela phezulu esiqongweni sentaba, lapho kungekho lutho kodwa imivini emidala nje, nezinto ezisongelwe eziqwini, noma, amadwala. Wazigingqela amatshe ayishumi nambili ndawonye, wabeka izinkuni phansi, wathatha umlilo, wokhela umhlatsh- . . . , e, wokhela i-altare.

U-Isaka omncane waba nokusola, wathi, "Baba wami?"

Wathi, "Ngilapha, ndodana yami."

Wathi, "Nanti i-altare, nazi izinkuni, nanku umlilo, kodwa liphi iwundlu, noma umhlatshelo na?"

153 Wathi, "Ndodana yami, uNkulunkulu uzozibonela Yena iwundlu lalomhlatshelo." Nakho lapho okhona. "Into kuphela engiyenzayo ukulandela iziyalo nje, kukuNkulunkulu ukuhlinzeka iwundlu."

154 "Ngizokwemukela kanjani ukubona kwami na? Ngizokwenza kanjani...?" Lowo akusiwo umbuzo, landela iziyalo nje, ukholwa ngaphandle kokwehluleka. UNkulunkulu uzozibonela iwundlu lomhlatshelo.

155 Wayesethi-ke, "Isaka, beka izandla zakho emva kwakho." Wathatha intambo futhi uqala ukubopha izandla zakhe, u-Isaka wayazi ngaleyonkathi. Buka ukulalela kwakhe, njengoJesu iNdodana kaNkulunkulu yeqiniso, ukulalela kuze kube sekufeni, wathatha isiphambano. Wabopha izandla zakhe nezinyawo zakhe, u-Abrahama waphakamisa umfanyana futhi wambeka phezulu edwaleni.

156 Sengathi ngiyambona emi lapho, futhi ezama uku, ubuhlakani bakhe buzama ukuya emsebenzini, "Uzomtshelani uSara lapho ufika ekhaya na?"

157 "Ngi—ngi..." Kodwa umbubuzi omncane wayelokhu ethi, "NginguJehova, Ngizohlinzeka. Wena Ngilandele nje." Niyabo, izinto ezimbili zisebenza, ngesikhathi esifanayo. Uzolalela ini na? Uma ulalela *lokhu*, awusekho; lalele *lokhu*, ngeke uhambe, ufanele uqiniseke (Lapha.), kuphelele.

158 Manje, wadonsa izinwele zakhe wazisusa ebusweni bakhe, wathatha ikhanda lakhe, walibeka emuva ukuze umphimbo ungabi nalutho, wavula iyembe lakhe elincane wase elidonsela emuva, ukuze umphimbo wakhe ube...athi, "Beka ikhanda lakho emuva kancane, S'thandwa, wenzele uBabayi."

159 Nicabanga ukuthi lokho kwakulula na? Kwakufanele kube nento ethize phansi *lapha* enyakazayo, uthando lwangempela olungeke lwehluleke. Wahlehlisa ikhanda lakhe, wakhipha ummese omkhulu *kanjalo*, ireza nje, wawuloliwe waba bukhali, wadonsela ikhanda lakhe emuva, wawukhipha, wawuphakamisela kuNkulunkulu, wabamba phezulu izinwele zakhe, wazihlehlisela emuva *kanjalo*, futhi waphakamisa isandla sakhe.

160 Ngalesosikhathi uMoya oNgcwele wadumela isandla sakhe, "Bamba isandla sakho nje, Abrahama, Ngiyazi uyaNgithanda."

161 Futhi cishe ngalesosikhathi inqama yakhala emva kwakhe, yayingekho lapho ngomzuzwana ngaphambilini. Inqama yayihhukeke izimpondo zayo emivinini, yabambeka emvinini, "*Bee*!" U-Abrahama waqalaza, wahamba, wayesethatha inqama, wayibeka phezu kwe-altare, wayibopha ngentambo u-Isaka ayeboshwe ngayo, wayeseyibulala inqama.

162 Ngifuna ukunibuza okuthize: Yavelaphi leyonqama na? Okungenani kwakuqhele ngamamayela ayikhulu empucukweni phakathi kwamabhubesi, izimpungushe, lonke uhlobo, yonke into idla imvu, izinja zasendle. Kanti futhi, kwakuphezulu le entabeni lapho okungekho khona ukudla noma amanzi, futhi yayingekho lapho ngenkathi u-Abrahama ezingela amatshe nxazonke ukwenza i-altare, kodwa yayilapho-ke. O Nkulunkulu! UJehova-Jira, Wayezihlinzekele iwundlu lalowomhlatshelo. Futhi UnguJehova-Jira ofanayo, kulobubusuku, into kuphela ingukuthi, ukuthi eNzalweni manje, ka-Abrahama, Usevele uhlinzeke ngeWundlu, iWundlu selivele libulewe, iWundlu elophayo.

163 Manje, lowo kwakungesiwo umbono u-Abrahama awubonayo, ngoba inqama yopha, nombono awophi. Niyabo? Wayibulala inqama. UNkulunkulu wakukhuluma kwabakhona, no-Abrahama wakukhipha esikhathini esingaphansi komzuzu. Kwabakhona, futhi kwaphuma ngomzuzu olandelayo, ngoba uNkulunkulu wayenesizathu sakho, ngoba Wayelethe umuntu kuleyondawo, emvivinya. IBhayibheli lathi u-Abrahama wavivinywa, neNzalo ka-Abrahama iyavivinywa. Manje, uNkulunkulu wayevivinya inceku yaKhe. Futhi Uyakwazi ukuhlinzeka noma enze noma yini noma ngayiphi indlela Afuna ukuyenza, ngoba UnguJehova-Jira.

164 Manje, uma ugula, uhluphekile, awu, akunandaba ukuthi yini engalungile kuwe, uma uNkulunkulu ekwembulile kuwe ukuthi uzoba . . . ukuthi *u*suphulukisiwe, vele, ngeWundlu laKhe elihlinzekiwe, nodokotela uthi angeke usinde, UnguJehova-Jira, iNkosi iyakwazi ukukuhlinzeka ngamanye amehlo, ngiMbonile ekwenza, iNkosi ingakuhlinzeka izindlebe, iNkosi ingakuhlinzeka impilo, iNkosi ingakuhlinzeka amandla, UnguJehova-Jira, umhlatshelo ohlinzekwe yiNkosi. Futhi kuJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, konke lokhu kuhlangatshezwana nakho ngenxa yakho, iNzalo ka-Abrahama, uma kuphela uzokholwa njengoba kwenza u-Abrahama. Uyakwenza na?

Asikhothamise amakhanda ethu-ke.

165 Uyagula na? Uyadinga na? UJehova-Jira ukhona, yena Lowo Owethembisa zonke izinto, enikeza zonke izibonakaliso, egcwalisa lonke iZwi laKhe, ulapha kulendawo yokugcina izikhali eMiddletown, e-Ohio, kulobubusuku. Uma unesidingo saKhe, phakamisa isandla sakho nje. Manje Mgcine engqondweni yakho, ngisakhuleka.

166 Baba waseZulwini, ngiza ngeGama loMhlatshelo waKho ohlinzekiwe engawemukela njengoMsindisi wami. Futhi Waguqula le embi, enonya, inhliziyo yami yomIrishi, ngilele lapho embhedeni, nemizuzu emithathu nje yokuphila, ngodokotela oyisipesheli, inhliziyo yami ishaya kayishumi

nesikhombisa kuphela umzuzu, kodwa uJehova-Jira wafika enkundleni. Futhi lokho sekucishe kube yiminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu edlule, ngenkathi nginemizuzu emithathu yokuphila, kodwa uJehova-Jira wangihlinzeka ngokuphila. Kungani ngingayisebenzisi, khonake, ngaYe na?

167 Kungahle kube nabanye lapha, kulobubusuku, Nkosi, akungabazeki, mhlawumbe akukubi kangako, kodwa ngakwethembisa wena lapho kulowombhede wasesibhedlela ukuthi angisoze ngaba namahloni ngaWe, ukuthi ngiyomela iZwi laKho, Bengiyowumemeza kakhulu phezu kwezindlu, ekhoneni lomgwaqo, futhi iminyaka engamashumi amathathu-nanye bengiwumemeza kakhulu Nkosi.

168 Manje inceku yaKho isigugile, ngikhuleka kuWe, Nkosi, ukuthi Uzobusisa lababantu kulobubusuku, futhi uzobavumela babone leliqiniso leVangeli. Njengoba umbhali wamaculo athi:

> Ngumusa owafundisa inhliziyo yami ukwesaba,
> Kwaba ngomusa ukwesaba kwami kwakhululwa;
> Wabonakala uyigugu kangakanani lowomusa
> Ihora engakholwa ngalo kuqala!
>
> Ezingozini eziningi, izinkathazo nezihibe,
> Sengivele ngifikile;
> KwakunguJehova-Jira ongilethe ngokuphepha kuze kube lapha,
> Futhi Uzongithatha aqhubeke.

169 Nginike ukukholwa kulobubusuku, njengoba ngikhulekela abagulayo. Ngisize, Nkosi, futhi unike abantu ukukholwa ukuba bakholwe. Manje, akukho lutho, Nkosi, ngibatshelile ngiphindaphinda, akukho lutho kimi, noma yimuphi omunye umuntu ongenza lokho Osuvele ukwenzile, ukuphulukiswa kwabo sekuqediwe, Wabahlenga ekuguleni kwabo ngenkathi Ubafela. Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zabo, ngemivimbo yaKho baphulukiswa.

170 Kwangathi bangaba nokukholwa kulobubusuku, Nkosi, hhayi ukwethembela kokunye ukufaneleka kwemizwa ethize ababenayo, noma umuzwa othize, noma okuthize, kodwa kwangathi bangeza ngokulula, ukukholwa okungunqamula-juqu, nesinqumo esingunqamula-juqu, "Kulobubusuku, ngemukela uKristu njengoMphulukisi wami. Ngokuvela enhliziyweni yami ngikholwa ukuthi Uyangiphulukisa." Siphe khona, Nkosi, futhi konke kuzophela. Siphe khona, Baba. Ngiyacela, eGameni likaJesu. Amen.

171 (Yisiphi isikhathi esifanele siphume ngaso na? Noma yisiphi isikhathi esiphawuliwe na?) Uma nonke nizohlonipha ngokuzithoba ngempela nje imizuzu embalwa. Angikholwa

ukuthi sike saba nawo umugqa womkhuleko obizelwe phezulu okwamanje, sinawo na? Asikaze sibize umugqa womkhuleko selokhu sibe lapha. Nje babenawo, e—e—emsamo na? Kwakungesiyo yini leyondlela obekungayo na? Bekuyiliphi lawomakhadi omkhuleko na? U-A wokuqala kuya ekhulwini na?

172 Ningaqoka ukuthi nje kubizwe e-altare lapha na? Abantu abangenawo amakhadi omkhuleko babizwe kanjalo, noma abantu abanawo na? Akunandaba kimi, noma ngayiphi indlela okuzonilethela ukukholwa okukhulu. Uma nje nizoba nokukholwa futhi nikholwe, ningangabazi, futhi nizogcina nje ukuhlonipha ngokuzithoba ngempela, nihlale nithule.

173 Manje, lesi yisikhathi, akunandaba ukuthi ngishumayele kangakanani, uma kungesilo iqiniso, akusilo iqiniso. UNkulunkulu akasoze afakaza emangeni, niyakwazi lokho, kodwa uma kuyiqiniso, uNkulunkulu ubophezelekile ukufakaza kulokho.

174 Manje, bazalwane bami, bodadewethu, ningavele nje ngomusa, gcinani nje ngenhlonipho yokuzithoba njengoba ningenza na? Ake sibize ambalwa alawomakhadi. Uma singawatholi kulobubusuku, onke, sizowathola kusasa. Asithathe nje cishe idazini, noma into ethize efana naleyo, emsamo, bese kuthi-ke uMoya oNgcwele, uma Uzo, uqale ezethamelini.

175 Bangaki khona lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko futhi uyagula na? Phakamisani izandla zenu. Macala onke. . . O, he! Bangaki onamakhadi omkhuleko-ke na? Phakamisa isandla sakho. Kunabaningi abangenawo amakhadi omkhuleko, futhi kukhona nje abambalwa abanamakhadi omkhuleko. Mhlasimbe abanye babo izolo ebusuku bathole amakhadi omkhuleko, bahambile.

176 (Yiliphi olunikezile, kusukela kwelokuqala kuya kwelamashumi amahlanu, noma, kusukela kwelokuqala—lokuqala kuya ekhulwini, izolo ebusuku na?) Asiqale kusukela, asithi, amashumi ayisikhombisa-nanhlanu. Kuyoba kanjani lokho na? Nibone uma kulapha. Ikhadi lomkhuleko lamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, ubani onalelo, phakamisa isandla sakho na? Qhabo? Awu, sizoqala kwenye indawo. O, ngiyaxolisa. Kulungile, inombolo yamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, uthini ngawe uza khona lapha, nenekazi na? Inombolo yamashumi ayisikhombisa-nesithupha, ubani onalelo na? Amashumi ayisikhombisa-nesithupha. Lelonenekazi na? Woza khona lapha. Amashumi ayisikhombisa-nesikhombisa, ikhadi lomkhuleko lesikhombisa-nesikhombisa. Emuva lapho. Amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalombili. Woza lapha, nenekazi. Amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalolunye, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalolunye. Ngabe ngilibonile

na? Ngabe liphakamile na? Amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalolunye. Amashumi ayisishiyagalombili, ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili na? Ungasiphakamisa isandla sakho, ukuze sibone na? Amashumi ayisishiyagalombili.

177 Manje, lapho umfana eza ukuzonikeza amakhadi omkhuleko, uyasukuma phambi kwenu, awashove ndawonye. Akulungile lokho na? Bese-ke ethatha futhi akunike ikhadi lomkhuleko, noma ubani olifunayo, niyabo, akunandaba. Ngakho, asazi ukuthi sizobabiza kuphi, futhi akekho owaziyo kuze kube. . . Umfana akakwazi ukukutshela, "Awu, sizoqala, kulobubusuku, kusukela kwelokuqala. Ngizo*ku*nika inombolo yokuqala, futhi *wena* inombolo yesibili, u. . . " Angeke akwenze lokho. Niyabo? Futhi kuyakufakazisa, ngoba uyawashova phezulu lapha phambi kwenu. E-hhe. Kulungile.

178 Bengikuphi, amashumi ayisishiyagalombili na? Amashumi ayisishiyagalombili, ikhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili. Amashumi ayisishiyagalombili-nanye. Ngabe ngilitholile lelo na? Amashumi ayisishiyagalombili-nanye, amashumi ayisishiyagalombili-nambili, amashumi ayisishiyagalombili-nantathu. Ngabe lokho yi. . .? Qhabo, umele ingane. Amashumi ayisishiyagalombili-nantathu, ungasiphakamisa isandla sakho na? Emuva ngemuva. Amashumi ayisishiyagalombili-nane. Kulungile. Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Angilibonanga. Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha. Indoda. Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa. Angilibonanga. Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa.

179 Buka ikhadi likamakhelwane wakho, mhlawumbe uyisithulu. O, kulungile. Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili. Ini, lendoda eyimpumputhe, ithini inombolo yayo na? Ngabe u—ngabe u. . .? Leyo bekungebe yinombolo yayo, bekungaba yiyo na? O, ya, o, ya, ubenayo, o, i—ingemuva. O, lokho kulungile, kubambe, ngizokuthola. Hlalani nakho nje, ngizothola. . .

180 Amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye-nanye, amashumi ayisishiyagalolunye-nambili, amashumi ayisishiyagalolunye-nambili. Angiliboni. Amashumi ayisishiyagalolunye-nambili. Mhlawumbe okunye okunikezwe izolo ebusuku. Awu, unokwenele lapho.

181 Wonke umuntu kulomugqa womkhuleko omi lapha, bhekisisani umzuzwana nje manje, ngifuna nihloniphe ngokuzithoba ngempela manje. Nje—nje, lobu ubusuku

bangoMgqibelo, ungalala kuze kube yisikhathi sikaSonto sikole ekuseni, manje, awudingi ukuba uye emsebenzini. Ngakho manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela nje imizuzu embalwa. Thathani loMlayezo, ningawukhohlwa uMlayezo manje, thathani uMlayezo.

182 Wonke umuntu kulomugqa womkhuleko oyisihambi kimi, ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisani izandla zenu, nonke emgqeni womkhuleko. Kulungile, mnumzane. Ngamunye wenu kulowomugqa womkhuleko, ningamethembisa ngesizotha uNkulunkulu ukuthi uma uNkulunkulu ezokwembula lezizinto, ukuthi nizokwethembisa ukuthi nizoMkholwa, futhi nibambelele kuLo ngenhliziyo yenu yonke na? Niyakholwa na? Futhi uma nje bengingakhuphuka futhi ngikhulekele ngamunye wenu, futhi nginidlulise lapha . . .

183 Uma wenze noma yini engalungile ilungise, manje, ngaphambi kokuba ungene emgqeni. Niyabo? Yenza lokho. Manje, ngokuba khumbulani, isono masibe phezu kwenu, singabi phezu kwami.

184 Manje, bangaki ezethamelini kulobubusuku, okholwa ukuthi uNkulunkulu unguMphulukisi, futhi angakuphulukisa, futhi uzokuphulukisa, futhi unokukholwa kwakho, kulobubusuku na? Phakamisani izandla zenu ukuthi niyagula. Manje, uyethembisa, wena phandle lapho . . .? Bangaki phakathi lapha owaziyo ukuthi angikwazi wena ogulayo, noma angazi lutho ngawe na? Phakamisa isandla sakho.

185 Manje, uma iNkosi uJesu izokwenza khona impela Eyathi Yakwenza ngenkathi Ifika lapha emhlabeni, khona impela Eyakwethembisa ukuthi kuyokwenzeka ngezinsuku zokugcina, uma Izokwenza lokho kanye nje kulomugqa womkhuleko, noma kanye phandle lapho, nizokukholwa ngesizotha, njengoba ngiphakamisela izandla zami kuNkulunkulu ukuthi angazi nayimuphi walabobantu lapho . . .

186 Futhi kukhona abambalwa lapha engibaziyo. Ngizama ukuthola ukuthi ubani lendoda ehlezi lapha, futhi ngikholwa ukuthi lendoda ehlezi lapha igqoke isudu ekhanyayo, ngiyibonile ndawondawo. UMfowethu noDadewethu Kidd, ngiyabazi.

187 Futhi ngiyazi ukuthi nginabanye abangani lapha abavela eJeffersonville, bangemuva lapha ndawondawo, omunye wabadikoni bebandla lethu, uMfowethu Fred Sothmann, ulapha. Omunye wabadikoni, noma ungumphatheli, omunye wabadikoni, umshumayeli weMethodisti, uMfowethu Collins, wayelapha ngoluny'usuku, yena nomkakhe balapha.

188 UMfowethu Welch Evans nomndeni wakhe abavela ezansi eGeorgia. Labobantu ushayela ezungeza, awu, nohambo olubuyayo, ngingathi cishe amamayela ayishumi nane, noma angamakhulu ayishumi nanhlanu njalo ngeSonto ukuzongizwa

ngishumayela eJeffersonville. Ukhuluma ngabangane! Ngifele wena.

189 UMfowethu Tom Simpson, ulapha, futhi ngicabanga ukuthi abanye bomndeni wakhe unaye, ungumfowethu futhi ovakashile. UMfowethu Leo noGene, balapha, bayizisebenzi ezikanye nami lapha emhlanganweni.

190 Khona-ke nginomngani lapha, uMfowethu Rodney, noMfowethu Roger, noMfowethu Charlie, bavela enhla lapha e-Ohio, ndawondawo, enhla lapha eduze komugqa wase-Indiana, abangane bami. Abazalwane be-United Brethren nabeMethodisti, osanda kungena nje futhi basindisiwe futhi bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, ba—bafanele babe lapha. Bebelapha izolo, ngibe nabanye babo engxoxiswaneni yangasese, futhi balapha. Futhi ngaphandle kwalokho, akukho-muntu engingacabanga ngaye.

191 UMfowethu Dauch, ohlezi lapha, ngi—ngiyamazi. Yigama lesiJalimane, uMfowethu Dauch, a—angikwazi ukusho, ngu*Dauchs*, noma uDauch, noma into efana naleyo. Umfowethu okahle kakhulu ovela khona lapha e-Ohio, ube yisibusiso esikhulu kimi.

192 Futhi lendoda ehlezi khona emuva lapha, ifake uthayi obomvu, ihlezi khona lapha, *wena*, phansi ngqo, angikwazi na? Qhabo, indoda esemva kwakho ngqo, lapho, angikwazi na? Ngi—ngi—ngicabange ukuthi ngikwazile. Angikwazi ukubiza igama lakhe, kodwa ngi—ngiyamazi.

193 Futhi ngokunye ukusa, uMoya oNgcwele wawungihola ngehla ngomgwaqo, ngangena ekamelweni ukuyothola ukudla kwasekuseni, *Okuthize* kwathi, "Ungahambi. Yehla ngomgwaqo."

194 Ngaqala ukuhamba ngehla ngomgwaqo, futhi ngamangala, "Kungani? Kungani?" Ngangilokhu ngihamba ngehla ngomgwaqo, futhi ngabona amanenekazi amabili emi ekhoneni, ngaqhubeka ngihamba, ngacabanga, "Baba, Uthanda ukuba ngenzeni na?"

"Qhubeka nje uhamba."

Futhi ngenkathi ngehlela lapho, lamanenekazi aphenduka, futhi athi, "Mnumzane, ubungangitshela ukuthi isitolo segrosa sikuphi na?"

Ngathi, "Qhabo, ngiyisihambi lapha."

Futhi baqalaza, bathi, "Awusuye uMfowethu Branham na?"

Ngacabanga, "Nakhu."

195 Omunye wesifazane omncane wayekade ekhuleka kanzima impela ukungibona ngasese. Waphumela ekhoneni ukuba alinde, uNkulunkulu wamthumela phandle lapho, noNkulunkulu wangithuma ngisuka ekamelweni lami ezansi. Uhlezi khona

lapha manje, khona *lapho*. Wangitshela ngento ethize ayefuna ukukhuluma nami ngayo ngasese. Niyabo? Wena, into kuphela ofanele uyenze ngukulandela ukuhola kukaMoya. Usebenza kuzo zombili iziphetho zomugqa, ukwenza kuhlangane kahle impela nje. Niyabo? Impela nje.

196 Futhi uma bengingasho kubantu baseJeffersonville, ngi—ngi, awu, bengingeke ngibabize uma ngibonile, ngaphandle uma bekungaba yinto abazo. . .Bengiyodingeka ngibatshele noma okuthize, kodwa ngokwejwayelekile, ngabanye abantu.

Nonke khulekani manje, futhi nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu.

197 Manje, wenzani omunye wesifazane. . .? UJesu wamtshela okuthile okwakungalungile ngaye, futhi wangena futhi washo, nomuzi wonke wakholwa eNkosini, sonke isizukulwane, sonke isizwe sabantu, sakholwa ukuthi WayenguMesiya.

198 Manje, angisuye uMesiya, niyakwazi lokho. O, he, ngiyisoni esisindiswe ngomusa, ngingumuntu, kodwa uMesiya usebenza ezidalweni ezingabantu. Manje, njengoba bengizama, nginitshele, abekho oNkulunkulu abathathu, noma ubani okholwa yilokho ungumhedeni. Munye kuphela uNkulunkulu, Uhlala ezikhundleni ezintathu. UbuBaba. . .O, abantu uhlanyile bezama ukufundisisa lokho. Ngani, kulula kakhulu, uNkulunkulu, uYise, isimiselo sesikhathi sikaYise, ubuDodana, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu ofanayo.

199 Hhayi oNkulunkulu abathathu, Oyedwa othiwa uYise, futhi Oyedwa obizwa ngeNdodana, Oyedwa obizwa ngoMoya oNgcwele. Ha! Uyakukholwa lokho, mfowethu, kungcono uqhubeke ebandleni eliKatolika, yilapho ongowakhona, impela nje, kuvela lapho-ke. Akukho mfundiso enjalo eBhayibhelini, ayikho into enjengaleyo, *ubuthathu* abuphathwa ngisho naseBhayibhelini, hhayi nakanye.

200 Manje, angisuye. . .unga. . .futhi ngithi. . .Futhi abanye abantu bathi, "Uyi*Jesus Only*," uyaphaphalaza lapho, Bengingeke ngibe nalolohlobo lomoya kimi, lapho, leyomfundiso engaphikiswa, into engenakumesaba uNkulunkulu ukuthi. . . qhabo, mnumzane. Angisiyo i-*Oneness*, nhlobo, angisiyo i*Trinity* futhi, ngingumKristu, ngiyakholelwa kuNkulunkulu. Ngiyakholwa kuNkulunkulu ebonakaliswe ezikhundleni ezintathu. Manje ihhovisi laKhe lisenhliziyweni yami, enhliziyweni yakho, hhayi omunye uNkulunkulu kwenye indawo, omunye uNkulunkulu kwenye indawo, omunye uNkulunkulu kwenye indawo, lokho kungubuhedeni njengoba ubuhedeni bungaba njalo. Akukaze nakanye lokho kwaze kwacatshangwa kwaze kwaba nguMkhandlu waseNayisiya, kuthole eBhayibhelini, noma kuthole emlandweni, kuze kube yilesosikhathi, akukho lapho.

Gene, ngabe nguwe ozobaletha kimi na? Kulungile, Mfowethu.

201 Manje, uma noma ubani phakathi lapha enokusola ukuthi lokhu akusikho okukaNkulunkulu, unenqubo engcono yokusiza lababantu, ngakho konke ukwesaba uNkulunkulu, nezinhlonipho zobuzalwane, ngizohlala phansi lapha noMfowethu Sullivan, woza emsamo, ungenza noma yini ehlukile ngakho. Noma uma ufuna ukuza wenze into efanayo, uma ucabanga ukuthi ngingokadeveli, futhi ungokaNkulunkulu, khona-ke impela ungakwedlula lokhu, ungamedlula udeveli uma ungokaNkulunkulu, khona-ke woza, uthathe indawo. Akusikho ukuthi ngingu Ye, kodwa Ulapha. Manje, akunandaba ukuthi yini, ukuthi Ubengangigcoba kangakanani, Uzofanele akugcobe ngendlela efanayo.

202 Manje nakhu kumi owesifazane engingakaze ngimbone empilweni yami, uyisihambi ngokuphelele kimi, angikaze ngimbone, ungowesifazane nje emi lapho. Futhi ngicabanga ukuthi lokhu kungokokuqala ukuba size sihlangane, ngokwazi kwami. Ngabe kunjalo na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Kunjalo. Manje, uma lesi kuyisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana, futhi ngingaphakamisa izandla zami kulokho. Uma ngake ngahlangana nawe, ngi... kwakundawondawo ngangingazi ukuthi wawungubani, sedlule emgwaqeni, noma uhlezi emhlanganweni, noma into efana naleyo, ngi—bengingeke ngikwazi ngenye indlela. Kodwa nje ukukwazi, angikwazi, nawe awungazi, kodwa kukhona uMuntu lapha Osazi sobabili, kunjalo, Othile osazi sobabili. Manje sizozikhohlwa futhi siMvumele akhulume ngami, futhi...

203 Manje, uma ngenyukela lapha, futhi ngathi, "Nenekazi, uyagula. Haleluya! Makabongwe uNkulunkulu! Hamba uthole ukuphulukiswa, uphulukisiwe. Qhubeka." Manje, lokho kuzoba kahle, uma ufuna ukukukholwa, uphulukiswa kuphela ngokukholwa. Kunjalo. Ngakho manje, ubungaba nelungelo lokukungabaza lokho, kodwa phezu komBhalo, enginitshele khona ukuthi sisesikhathini sokuphela, futhi lowoNkulunkulu ofanayo owahlala enyameni yomuntu, edla futhi ephuza lapho, ukuthi iminyaka engamakhulu amaningana emva kwalokho kwabonakaliswa enyameni, uNkulunkulu ofanayo, ngoba Ufikela ukuHlenga ukuzingela umntwana waKhe olahlekile...

204 Ngenkathi uNkulunkulu ehla ensimini yase-Edene, Akathumelanga ngani iNgelosi ukuzingela u-Adamu na? Akathumelanga ngani uhlobo oluthile lweNdodana ukuba izingele u-Adamu na? Lowo kwakungumntwana waKhe olahlekile, Ufika Yena uqobo. Yingakho uJesu wayenguNkulunkulu enziwe inyama, Wafika enyameni yomuntu ukukuhlenga. Bengizokhuluma ngalokho kulobubusuku, ukuba bengingakuqedanga lokho izolo ebusuku, *UMhlengi oyisiHlobo somndeni*, ukukhombisa ukuthi Wayenguye, wayefanele abe

ngumuntu. Ngakho, ngaleloGazi, ngaphandle kocansi, lelo elimsulwa, iGazi likaNkulunkulu elidaliwe, ngimi lapha kulobubusuku, nale—lenselelo phezu kweBhayibheli lami, ngimi phambi kowesifazane, ukusho ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, yilapho esimi khona.

205 Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi into oyaziyo ukuthi ngi . . . Uma—uma kukhona noma yini ngawe, angiyazi. Kodwa uma Ezongembulela, khona-ke uzokwazi, futhi njengowesifazane emthonjeni waseSamariya, hamba utshele abantu bakini ukuthi, "Wozani nibone uMuntu," hhayi uMfowethu Branham, manje, kodwa, "iNkosi uJesu oseBandleni laKhe, Ezibonakalisa, ngoba wangitshela izinto ezisempilweni yami." Ubungavuma ukwenza lokho na?

Ibandla belingavuma ukwenza lokho na?

206 Ngempela akusuwe ozimele lapha, kungokomunye umuntu. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Niyabo? Uyazi ukuthi yini esenhliziyweni yakho. Uma uNkulunkulu, khona-ke, ezongichazela, noma angitshele okuthize ngalento ethize, noma omunye umuntu, uzongikholwa na? Umuntu, hhayi lapha, basesimweni sokufa ngomdlavuza, futhi umele bona. Ngabe kunjalo na? Uyalazi leloduku onalo esandleni sakho, lapho na? Thatha lelo ulise kubo. Futhi ungangabazi. Angeke ukungabaze na? [Udade uthi, "Qhabo."—Umhl.] Khona-ke ungaba nakho okucelayo. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

Manje, ngabe ibandla liyakholwa na? Uma ukholwa! Kunyakazisa abanye, akubanyakazisi abanye. Akukho lutho . . .

207 Sawubona? Uma uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ezokwembula kimi ukuthi uzele ini lapha, noma ungokabani, noma *okuthize-okunye*, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha, ungeke na? Nizongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, futhi nginitshele iqiniso phezu kweZwi likaNkulunkulu. Ngabe usukulungele ukwethuka na? Ugula kabi kabi, usibekelwe yithunzi lokufa, ubumnyama phezu kwakho, umdlavuza. Ngumdlavuza wamaphaphu owedlule emigudwini yakho. Yiqiniso lelo. Woza lapha. Uma uMoya kaNkulunkulu owenza iBhayibheli . . . Umyalo wokugcina uMsindisi wethu awunikeza iBandla, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Manje, niyazi *oKuthize* kungigcobile, ngabe kunjalo na? Awu khona-ke, uma ngibeka izandla phezu kwakho futhi ngilahle lowodeveli, uzokukholwa, ukuthi kuvela kuNkulunkulu, yena impela uNkulunkulu owaziyo ngawe na? Khona-ke ungaphila.

208 Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamazulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, nezandla zibekwe phezu kowesifazane, njengokuthunywa kokugcina okunikezwe iNkosi yethu, noma, yiNkosi yethu, ukuthi iBandla laYo lifanele likwenze,

ngiyakulahla lokhu ukufa okulenga phezu kowesifazane, futhi makaphile, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Manje, ngibhalele ubufakazi bakho; kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

Sawubona? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphulukisa inkathazo yomtshazo, futhi na? Kulungile, sekuphelile-ke. Wena uthinteni-ke na? Uthinte Yena.

209 Angikwazi, uNkulunkulu uyakwazi. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Ngizama nje uku. . . Niyabo, iNgelosi yeNkosi (Senake nayifunda incwadi yami na?), ngenkathi ihlangana nami ngalobobusuku, yathi, "Uma uthola abantu ukuba bakukholwe." Ngikholweni, ini na? Ukuthi ngikhulume iqiniso. Ngixoxe indaba yeBhayibheli, ngakho lokho kufanele kube yiqiniso. Uma iNkosi izongembulela okuthile ngawe, uzokholwa ukuthi ku. . .? Uzofanele wazi ukuthi ngabe lokho kuyiqiniso noma qha. Uphethwe yinkathazo yenyongo. Kunjalo.

210 Nakhu kufika. Nje, ngivele nje, kubukeka sengathi ngikulindele, "Ukuqagelile lokho." Angikuqagelanga lokho, yekani ukucabanga lokho. Ngi. . . Ngikwenza ube namahloni ngawe manje!

211 Angazi ukuthi Ukutsheleni. Umzuzwana nje. Yebo, nakhu, kungaphansi kwezimbambo lapha, yinyongo, kunjalo, kubangela ukugula namajaqamba, nayo yonke into. Kunjalo. Futhi unemithambo evuvukalayo, uhlushwa isimo sokwethuka, unezifo ezelakanyanayo, usho kanjalo udokotela. Igama lakho unguNkk. Osborne. Hamba uye ekhaya futhi uphile, uJesu Kristu uyakusindisa.

212 Ngiyakudabukela! Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi. Uma ukholwa, konke kuyenzeka.

213 Inenekazi elihlezi lapho nezinwele zalo zishaneleke phezulu nga*le*ndlela, lingibuka ngqo, kukhona okuthize, ngenkathi Kushaya lona wesifazane, kushaye lowo wesifazane, futhi, futhi ngaqalaza, ngabona ukuKhanya phezu kwakhe, angazi. Kunento ethize indaba ngalowo wesifazane, osanda kusuka emsamo, yindaba ngalowo wesifazane, futhi. Uyahlishwa awuhlushwa yini, dade, uyagula na? Yebo, ngiyakubona manje. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Unenkathazo yenyongo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, uphulukisiwe, uJesu Kristu uyakusindisa.

Uyakholwa na?

214 Uma ufuna ukungikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe: lokho kushaye umngane wakho ohlezi lapho eduze kwakho osondele kakhulu, kumphulukise futhi enkathazweni yebele abenayo. Hhe! Uyakukholwa nenekazi na? Uyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho uma ukwemukela. Kulungile. Hamba uye ekhaya

ukholwa, ungasindiswa. Ngiyanicela nje ukuba nikholwe, yilokho kuphela.

Usezethamelini.

215 Niyalibona lelinenekazi elincane elihlezi lapha likhuleka ngenhliziyo yalo yonke na? Alizikhulekeli lona, likhulekela u—udade onomdlavuza. Yebo. Uhlobo lomuzwa oxakile bekungesiwo na? Kulungile. Manje hamba, ukholwe. Lokho kulungile.

216 *Mm*! Kuyaxaka, omunye wesifazane ubonakale ngakuYe, Usemva kwakhe ngqo lapho, ekhulekela into efanayo. Uyakholwa futhi, Dadewethu, ungaba nakho okwakho.

217 O, ngitshele ukuthi bathinteni na? Kanjani na? Baqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi, noma amashumi amathathu, bangangithinta kanjani na? Abazange bangithinte, kodwa bathinte umPristi oMkhulu, uJesu Kristu, ongathintwa ngokuzwelana nobuthakathaka bethu.

218 Angikwazi, siyizihambi omunye komunye. Uma iNkosi uJesu izongembulela okuthile. . . Uyaqonda ukuthi useBukhoneni baKhe, into eyodwa engalungile, ubungawa ufe ngakho, uyakwazi lokho. Kunjalo. Uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Inkathazo yakho iseqolo lakho. Kunjalo. Inso iphumile emgqeni. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uzophulukiswa na? Nkk. Combs, ungaya ekhaya, futhi uphile. Khulekela lowo wesifazane, lapho, e-hhe. Ngukukholwa kwakho.

219 Angikwazi. O, ku—ku—kuthiwani uma ku. . .? O, awu. Ucabanga ukuthi umama wakho uzophuma kulowonhlangothi, futhi abe kahle na? Kulungile. Hamba, ukukholwe, ungasindiswa. UNkulunkulu akubusise.

220 UNkulunkulu angawuphulukisa umdlavuza, futhi akusindise na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Kulungile. Hamba, ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uphiliswe. Uma ukholwa!

Woza, nenekazi. Kukhona cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili alezizethameli ezihlushwa yinto efanayo, nenekazi. Ake ngikukhombise.

Nonke phandle lapho enihlushwa ukwethuka, phakamisani izandla zenu, wonke umuntu.

221 Niyabo? Leyo yinkathazo yakho. Kufika cishe ngalesisikhathi sokuphila empeleni, kodwa ubulokhu unokwethuka isikhathi eside. Uyakholwa ukuthi usungaphezu kwakho manje na? Hamba ubonga iNkosi. Uthi, "Ngiyabonga, Nkosi Jesu."

UNkulunkulu angaliphulukisa iqolo lakho, futhi akusindise na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Kulungile. Hamba nje ukukholwe-ke, ngayo yonke inhliziyo yakho.

Ngiyayibona inkathazo yakho, kodwa lokho akusikho okuyikho, unokwethuka kakhulu awazi ukuthi ungazibamba kanjani ndawonye. Hamba, ukholwe, kuzolunga.

222 Lelo. . .leli nenekazi elifanayo lapha libe nenkathazo yokwethuka, linezinye izinkathazo, izifo ezelakanyanayo, kodwa empeleni lifuna ngilikhulekele imizwa. Ngabe kunjalo na? Kukholwe, futhi uhambe uphiliswe. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho.

223 Angikwazi, ngiyakwazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa leyonkathazo yabesifazane onayo, akusindise na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Hamba-ke, ukholwe, ube nokukholwa.

Niyakholwa phandle lapho, nonke na? Ukuba nokukholwa na?

224 Lelonenekazi elihlezi khona lapho linenkathazo yabesifazane, nalo, eliyikhulekelayo. Kunjalo. Nenekazi, uhlobo lwe, elinento ebekwe phezu kwethanga lakho. Kunjalo. Wena, wena! Uqalaze kowesifazane olandelayo. Kholwa! Qhabo, khona lapha, wena onesandla sakho sibekwe emuva nga*leyo*ndlela, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Hamba uye ekhaya, yebo, mnumzane, futhi uphiliswe. UJesu Kristu uyaphulukisa.

225 Ucabangani, phandle lapho ukhulekela umkakho ohlubukile na? Ucabanga ukuthi uzobuyela ekhaya, futhi abe. . .Yima ngezinyawo zakho. Kulungile. Ngimbuyisela kuwe, eGameni likaJesu Kristu.

Hamba, kholwa, Dadewethu, usinde. UJesu Kristu uyakuphulukisa, futhi uyakusindisa.

226 Manje, lokho kuthi akube yindlela afanele aphume ngayo embhedeni wasekuseni, futhi. E-hhe. Yisifo samathambo, kodwa uNkulunkulu angaphulukisa isifo samathambo, Angeke na? Kulungile, uma u. . .Awu, hamba nje uMkholwe, khona-ke. Hamba nje, uthi, "Ngiyabonga, Nkosi." Mkholwe.

227 Ukuba-ke bengingashongo ngisho neyodwa into kuwe, ngathi nje. . .ngibeke izandla zami phezu kwakho, uyakholwa ukuthi ubuzosinda na? Woza ngapha-ke. UNkulunkulu akubusise. Hamba, ukwemukele, Dadewethu, eGameni likaJesu.

228 Manje, nakhu kufika futhi, esinye isimo semizwa. Kunjalo. Bangaki ezethamelini phandle lapho, yonke inhliziyo yakho, ngakho konke okukuwe, futhi uyakholwa ngawo onke amandla onawo ukuthi uNkulunkulu unguMphulukisi wokwethuka na? Phakamisani izandla zenu *kanjalo*. Uma Engaphulukisa lona wesifazane lapha. . .Manje, ngalokho. . .

229 Woza lapha umzuzu. E-hhe, unezinye izinkathazo ezincane futhi, awunazo na? Eyesifazane. Niyabona ukuthi ngingakusho kanjani lokho na? Ukunikhombisa okuthize, bukani lapha, lapho ubeka isandla sakho kwesami, buka lapha, uyasibona isandla

sami na? Niyabona ukuthi sibukeka ngokwejwayelekile kanjani, njenganoma yisiphi isandla somuntu na? Manje, beka lesisandla phezulu lapha. Manje, sibuke. Niyabona ukuthi sikhukhumala kanjani, nalezozinto ezincane ezimhlophe zigijima phezu kwaso na? Manje, bhekisisani, thatha lesi esinye isandla ngapha bese usibeka kuso. Akukwenzi kuleso, kuyakwenza na? Akukwenzi kuleso. Awu, kungani nje kuzokwenza kulesi, khona-ke na? Leso kwakuyisipho sokuqala enganikwa sona, niyabo, ngukuxhumana kwakho, isandla sakho sokunene ngakwesokunxele sami, wenza isithembiso sokukholwa kwakho, ukuthi uyakukholwa engikutshela khona. Ngithatha isandla sakho sobunxele, bese ngiphakamisela esami kuNkulunkulu, esobunxele sami sisenhliziyweni yami. Niyabo?

230 Manje, ubona into ethize yenzeka, ikhombisa ngokomzimba ukuthi yini engalungile lapho. Akunjalo na? Manje, uma wena, kunjalo, kusho kubantu. Ngabe lokho . . .?

Bhekisisani lapho ebuka lapha. Buka isandla sami wena uqobo.

231 Manje susa isandla sakho lapho. Manje thatha lesi esinye isandla, ubeke kukho. Akukwenzi lapho. Ungumuntu impela nje ku*lesi*sandla njengoba unjalo ku*lesi*sandla. Niyabo? Manje-ke, niyabo kukhona into ethize ekhombisa ngokomzimba, lolo ugcobo, lokho kungokwesithembiso.

232 Manje woza lapha, manje bhekisisa isandla sami. Uyakholwa manje, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ngizobeka isandla sami khona lapha ukuze nizokubona. Akuwena . . . Niyabo, akusiyo indawo engibambe isandla sami kuyo, noma ngabe kukuphi, ngokufanayo nje. Manje, uma lokho kuhamba, uma kubuya njengalesi esinye isandla, awu khona-ke kuzoba . . . uzokwazi ukuthi kukhona okwenzekile, angeke na?

233 Manje, angazi noma niyakubona noma qha, njengoba ebeka izandla zakhe kwezami, evuvukala, nezinto ezincane ezimhlophe zithi, "*Rrrr*, *rrrr*, *rrrr*." Aliqondi, liyazi ukuthi linenkathazo yabesifazane, kodwa alazi ukuthi kuyini. Niyabo? Yisimila. Niyabo? Manje, nakho, kuhamba. Libenezinkathazo lapho. Manje, manje bukani, ngizosusa isandla sami kulo, bukani isandla sami manje. Manje, malithathe lesi esinye isandla *lapha* bese libeka lesosandla phezu kwakho. Akukho nelilodwa ichashaza lomehluko. Niyabo? *Lesi* asikukhombisi, *lesi* siyakukhombisa. Ngabe kunjalo, nenekazi na? Ulapha ukuzokubuka. [Udade uthi, "Siyakukhombisa, yebo, mnumzane."—Umhl.] Niyabo? Izinto ezincane ezimhlophe zigijima phezu kwesandla sami, zithi, "*Rrrr*, *rrrr*, *rrrr*."

234 Yini leyo na? Lokho ngukuphila okungaphakathi kwakhe okungesikho okwalapho. Manje, udokotela ukubiza nge*thumba*, *umdlavuza*, nokunye kanjalo, kodwa uJesu wakubiza ngo *develi*. Yini? Ngukuphila. Uyini na? Ungukuphila, ukuphindaphindeka

kwamangqamuzana. Yini isimila na? Ukuphindaphindeka kwamangqamuzana. Yini umdlavuza na? Ukuphindaphindeka kwamangqamuzana. Yini isilazi esweni na? Ukuphindaphindeka kwamangqamuzana. Niyabo, lokho ngukuphila phakathi lapho. Wugcobo lapha manje lokuPhila okuPhakade, futhi kukhona ukuPhila lapha okungukuPhila okuPhakade, futhi kukhona ukuphila lapho okungukufa. Niyabo? Ngakho yilowo umehluko.

235 Owesifazane uyikholwa. Niyabo? Unokwethuka, ubengaleyondlela isikhathi eside, ikakhulukazi kusukela ekunqamukeni ukuya esikhathini, unokungemi kahle emehlweni akhe, unamalumbo esiyezi. O, he, lokho kulula. Niyabo? Kodwa into yakho ingukuthi, ngukuthi bhekisisani manje, futhi nibone. Manje, angikwazi ukukwenza kuhambe, noma, ngeke ngakwenza kuqhele.

236 Manje, ngifuna nje ukubamba isandla sami ukuze nibone ukuthi engikhulume ngakho esikhashaneni esedlule kuyiqiniso. Niyangizwa na? Ngizobamba isandla sami lapha, futhi nje ngidedele owesifazane akhuleke futhi abone ukuthi kuyasuka yini. Khuleka nje, uthi, "Nkosi, ngisize." Manje, uyakhuleka. Niyabo? Manje, ake azibuke yena uqobo, angibukanga isandla sami. Kuselapho. Niyabo? Manje, ngizokhuleka:

237 Baba, Nkulunkulu, yizwa umkhuleko wami, ngikhulekela lona wesifazane ukuthi uzomsiza, ngokukholwa kwakhe. Amen.

238 Akunyakazanga, kunyakazile na? Kuselapho. Manje, angizukunyakaza, bhekisisani nje isandla sami. Manje, nginikhombise nje ukuthi Wathini, kuzoqinisekisa ukuthi nguYe manje. Manje, Wangitshelani na? Wangethembisa lokhu. Angikwazi ukukwenza kuqhele kuye, kodwa uma ekubona kuhamba uzo . . . Manje, ngifuna nibhekisise isandla sami. Wena, bhekisisa isandla sami.

239 Nkulunkulu uSomandla, hhayi ukwenza umbukiso lapha, kodwa lokhu mhlawumbe kuzoba yisikhathi sami sokugcina kulelidolobha. Ngikhuleka kuWe, Nkosi, ukuba Uzazise, ukuthi ngikhulume iqiniso kulababantu, babhekisisa isandla sami, owesifazane uyabhekisisa, naye. Kodwa amaZwi aKho aqinisile kakhulu. Ngesinye isikhathi lapho ukukhathazeka kancane, ukukhungatheka kuvimbela . . . Kodwa isithembiso saKho sisalokhu sihlala siyiqiniso, "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni." Manje, Wakwethembisa lokho, Wakuqinisekisa kimi ngeNgelosi ngalobobusuku eGreen's Mill, ngimi kuleyondlwana yezingodo.

240 Sathane, ungeke usalibamba, phuma kulo, eGameni likaJesu Kristu.

241 Manje inenekazi malibe yijaji, sekuhambile. Ngabe sekuhambile, nenekazi na? [Udade uthi, "Ngokuphelele."—Umhl.] Angikaze nginyakazise isandla sami,

manje bukani, sekuhambile. Beka esinye isandla sakho kukho. Akukho lapho, akunjalo na? Uphulukisiwe.

242 Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Uyakholwa na? Manje, mangaki amakholwa elilapha na? Phakamisa isandla sakho. Alikumemezelanga yini iBhayibheli na? Akasebenzanga yini uNkulunkulu ngeNzalo ka-Abrahama ngokufanayo njengoba Enza ngo-Abrahama na? Akusiyo yini iNgelosi efanayo eyahlangana no-Abrahama e—e, onyakeni nje waseSodoma, ngaphambi kokuba libhujiswe, lokho akusiyo yini imisebenzi efanayo lapha, Ayenzayo kulobubusuku na? Ngabe kuyafana na? Ngabe kunjalo na? Uyakukholwa na? Ngabe uyiNzalo ka-Abrahama na? UNkulunkulu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

243 Bangaki laphaya ogulayo na? Phakamisani izandla zenu. Bangaki ohlezi ngakubo oyikholwa na? Beka izandla zakho phezu komunye nomunye. Yilokho kuphela, bekani izandla zenu nje, yilokho kuphela enifanele nikwenze. Lokho yi . . .

244 Vele uthi nje, wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngi—ngifuna ukubhaphathizwa." Bengingakubhaphathiza nje, yilokho kuphela, khona-ke uyabhaphathizwa. Ngabe kunjalo na? Khona-ke ungumKristu. Awu khona-ke, uma uthi, "Awu, Mfowethu Branham, phenduka, futhi ubhaphathizwe." Yilokho iBhayibheli elakushoyo, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo, okholwayo, *futhi* abhaphathizwe uyakusindiswa." Ngabe kunjalo na? Awu khona-ke, uma nikholwa, futhi nabhaphathizwa, iBhayibheli lathi nisindisiwe. Ngabe kunjalo na?

Iyini inqubo yombhaphathizo na? Bebafaka nje ngaphansi kwamanzi, bebakhuphula emuva, babhaphathiziwe.

Yini inqubo, khona-ke, ngokugula na? "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

"Uma uMfowethu Branham ebeka izandla zakhe na?"

Akazange athi, "Mfowethu Branham," Wathi, "noma ngubani."

245 Ngakho lezizibonakaliso ziyakubalandela *labo* abakholwayo. Uyikholwa, ngokufanayo njengoba nginjalo, unamalungelo afanayo ukubeka isandla sakho kunoma ubani njengoba ngenza. Ngamunye wabefundisi benu, lababelusi, noma ubani omunye, banelungelo lokukwenza. Uyakukholwa lokho na? Khona-ke ngifuna nibeke izandla phezu komunye nomunye, nikhothamise ikhanda lenu, ungazikhulekeli wena manje, khulekela umuntu oseduze obeke izandla zakho kuye, ngoba bayakukhulekela. Kukholwe lokho ngenhliziyo yakho yonke. Ngininikela kuJesu Kristu, njengoba ngikhulekela lezizindwangu lapha namaduku.

246 Baba waseZulwini, lamaduku alethwe kimi, abantu bayakholwa njengoba nje benza ngezinsuku zikaPawulu. Bambonile uPawulu enaleyomibono, futhi bazi ukuthi wa—wayethunywe nguNkulunkulu; lababantu bakholwa yinto efanayo. Manje Nkosi, UnguNkulunkulu ofanayo kithi, ngoba u-Abrahama wayenguyise wezizwe eziningi. Futhi baletha emzimbeni kaPawulu, amaduku, izindwangu, futhi kwayiswa kwabagulayo nabahluphekile, nodeveli baphuma kubantu, imimoya engcolile, izifo saphulukiswa. Manje, ngikhuza bonke odeveli . . .

